# *Kusifanele Ukugcwalisa Ukulunga Konke*

Kuhlala njalo kuyinhlanhla ukuza endlini yeNkosi. Angikaze, empilweni yami, ngike ngibone nangesisodwa isithathi ukuthi ngizisole ngokuza endlini yaKhe. Kuyi. . . Kodwa ngiyacabanga namhlanje ekuseni cishe kube isikhathi esinzima ukwedlula zonke engike ngafika kuso. Yebo, kunjalo. Ngakho-ke, izinto ziyenzeka empilweni, siyakwazi lokho, esifanele sibhekane nazo. Futhi sifanele sikhumbule lokho, ukuthi kuyafika kubo bonke.

2 Futhi siyabonga kakhulu kulokhukusa, nginjalo, futhi ngiyazi abafowethu nodadewethu uyabonga kakhulu kuNkulunkulu, ukwazi ukuthi umama wethu usindisiwe.

3 Futhi usekhulile, futhi besikade sikulindele lokhu esikhathini esithile, ngoba ungumama wabaningi, futhi uhlakaze impilo yakhe. Ezinsukwini zikamama, babengenazo izinto abanazo manje, ukunakekela omama lapho benezingane zabo. Mhlawumpe, mhlawumbe, umama ubengaba ngomunye wabantwana ngalokho kusa, futhi avuke enze iwashingi yakhe ngaleyontambama. Futhi ngakho-ke manje balele esibhedlela izinsuku eziningana, nalolonke uhlobo lwemithi, okungukuthi. Siyabonga kakhulu ngezinto ezinjena ezingasiza laba, labomama nabo bonke.

4 Yena kakhulu, useduze kokufa kakhulu manje. Futhi ngi. . .[UMfowethu Branham uyakhala—Umhl.] Nje kulu—kulukhunyana nje kulokhukusa, kodwa nokho nge—ngethembise ukuba lapha. Futhi ngi. . .

5 Manje, angeke ngisho ukuthi umama wami uyahamba. Bengihlale ngikusho lokhu. Futhi abaningi bangofakazi, mayelana nemibono. Ngithe, "Uma umama wami uqobo ubelele, efa, futhi angibuke ebusweni bami wayesethi, 'Billy, ngizoba yini—yini na?'" Ngathi, "Ngaphandle kokuthi uNkulunkulu angitshele, angeke ngazi. Angi—ngikwazanga ukusho." Futhi yona kanye into yenzekile. Uma kungukuthi umama uyahamba, ngokwangempela Ukugcine kuyimfihlo kimi.

Ngaphambi kokuba ubaba wami ashone, ngabona umbono wakhe ehamba.

6 Ngenkathi ngangiseyisoni, ngabona umfowethu, owokuqala, wayehamba.

7 UHoward. Nginitshele nonke, emibili noma iminyaka emithathu ngaphambi kokuba ahambe, mayelana nokuhamba kwakhe.

8 Kodwa, umama, Akashongo'zwi kimi. Futhi uma ehamba, kuyinto engingazi lutho ngayo. Nakuba, sasine . . . Udokotela uthe akabonanga ukuthi uphile kanjani wedlula ngeSonto eledlule. Futhi yena akamnandi emzimbeni ngempela. Kodwa, noma kunjalo, ngenkathi ngangi . . .

9 Cishe esikhathini esingangenyanga esedlule, njengoba ngenza kuNkk. Broy; ngiyathanda njalo ukuhlola abantu, ukwazi ukuthi sebesondele ekupheleni, lokho ukubona nje ukuthi bami kanjani. Sifanele siqiniseke ngalokhu. Asifuni nje ukuthi, "Awu, mhlawumpe kulungile konke." Sifuna ukuqiniseka ukuthi kulungile.

10 Ngaba nenkulumo ende emnandi ngokunye ukusa nomama. Wathi, "Billy, ngi—ngiphile isikhathi eside njengoba bekufanele ngiphile." Wathi, "Anginakho okunye engifanele ngikuphilele." Wathi, "Ngifanele ngihambe." Futhi wathi, "Ngingaqoka nje ukuhamba, ngibe nobabayi nabanye abantwana abangaphesheya Lapho. Ngifanele nginibone nonke, kaningi."

11 Futhi ngenkathi efakwa kwi-ambulensi, ukuba ayiswe esibhedlela, ukuyonikezwa okusashukela, ngoba ubengasadli lutho. Badingeke ukuba bamnike okusashukela ngemithambo yakhe. Futhi ngithe kuye, lapho simfaka kwi-ambulensi, ngithe, "Manje, mama, konke kulungile."

Uthe, "Ngilangazelele ukuhamba."

12 Futhi ngithe, "Mama, ukuba ubungishiyela igugu emhlabeni, lamadola ayizigidi eziyikhulu, lethu thina bantwana, noma ubusishiyela ikhaya ebelizofinyelela edolobheni kuye edolobheni, bekungeke kufane nalutho ukuliqhathanisa nalobubufakazi osishiya nabo, 'Sengilungele ukuhamba.'" Kuyigugu elingenakuthengwa ngemali, ukwazi lokho.

13 Ngakho ngakho-ke, ebusweni balokho, ngimi ngesibindi, ngikholwa yilezizinto engizishumayelile. Lokhu kumi kahle kumama wami, kumi kahle kumama wabanye abantu, kumi kahle kithi sonke. Angeke ngithi, "Nkulunkulu, ungamthathi." Ngoba, ngiyazi ukuthi ngokushesha nje lapho umphefumulo wakhe ofayo ushiya lomzimba, unawo omunye olindile. Futhi uzoba yintombi futhi, emizuzwini embalwa nje emva kokuba esuka lapha.

14 Senake nayiqaphela ingane encane uma izalwa, imisipha yayo emincane idikiza futhi idluthula na? Kodwa lapho ifika emhlabeni, yemukela umoya, futhi khona-ke iba ngumphefumulo ophilayo. Futhi kuthi nje umphefumulo ungabuyela emuva usuka kulowomzimba omncane, kukhona omunye owulindele. Niyabo? Ngoba, okokuqala, uNkulunkulu

wenza umphefumulo nomoya, kuya nje emizimbeni. Futhi, futhi uma sisuka lapha, sishintsha indawo yokuhlala kuphela futhi siye kwenye. "Ngokuba uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindile." Ngakho-ke, leyo yinduduzo yethu.

Manje asikhuleke.

15 Owethu Okhazimulayo, uBaba waseZulwini, yini esingayenza kulamahora esidingo esesabekayo, ukuba bekungengaWe? Kodwa ithemba lethu alakhelwe kwilutho ngaphandle kweGazi likaJesu nokulunga! Futhi siyajabula kakhulu ukwazi ukuthi kuneZwe elingaphesheya komfula. Ukuthi lapho Usuqedile ngathi kulomhlaba, ukuthi singashintsha kuphela izindawo zethu zokuhlala, kuleloZwe elikhazimulayo, ngaleya, lapho kungekho kugula noma ubuhlungu benhliziyo, ukufa noma ukwehlukana. Siyoba naWe njalo nabathandekayo bethu. Ngakho-ke, siyaKubonga ngalelithemba elikhazimulayo elisesifubeni sethu namhlanje.

16 Futhi kubukeke sengathi, Nkosi, kunzima kulokhu ukusa kimi ukuba ngehle; kungesikhona ukukhonza Wena, kodwa ukwazi ukuthi nginokwethuka futhi ngiyazibuza nje ukuthi ngizokwazi kanjani ukusondela kuloMlayezo kulokhu ukusa ngenzele ibandla, ukuthi ngiyazizwela ukuthi Ubeke phezu kwenhliziyo yami. Ukuthi isitha singithathile kanjani sangizungezisa futhi sangizungezisa nakho! Kodwa sengifike lapha, epulpiti, ngeGama laKho. Futhi ngiyazinikela qobo lwami, noMlayezo nakho konke, ezandleni zaKho, futhi ngazi ukuthi Ungaphezu kokwenza ukuWuthatha uwuyise enhliziyweni ngayinye, nokusinika konke esikudingayo. Sinikela konke kuWe manje, noqobo lwethu, njengenkonzo yaKho; njengoba izindebe zami zingumkhulumeli waKho, futhi izindlebe njengesigxobo saKho sokuzwa. Sibusise, Nkosi.

17 Futhi kwangathi abanye omama, obaba, nalabo abazoba sezinsukwini ezizayo, uma izwe liyoma, kwangathi bangalungiselela futhi bazi, nabo, ukuthi bafanele behlele phansi ngelinye ilanga kulelihora umama afike kulo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi bazokwenza ukulungiselela kwabo namhlanje. Ngoba ayikho enye into esemqoka ezweni. Ayikho imali engathenga, akukho ukuthandwa ngabantu okungama; akukho lutho olungasiza ngaphandle kukaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa. Futhi sibambelele esandleni saKhe esingaguqukiyo, sazi ukuthi Uthe, "Izinyathelo zabalungileyo ziqiniswa yiNkosi." Ngakho-ke lokhu kuhlupheka okuncane esinakho manje, empilweni yamanje, kuyosho okuncane kakhulu. Njengoba imbongi ikuzwakalisile, "Umshikashika wendlela uyobonakala ungelutho, uma sesifika ekupheleni kwendlela."

18 Sisize, Nkosi, siphokophelele emgomweni wobizo lwaphezulu; sazi ukuthi ngelinye ilanga, kokukhulu

ngapheseya kwalapha, sizohlangana kulelo elimnandi khona maduze. Busisa amaZwi aKho manje. Busisa izinceku zaKho. Umntwana ngamunye kaNkulunkulu olapha, kwangathi izinhliziyo zabo zingafudumala futhi zishukunyiswe kulokhu ukusa. Futhi, Baba, ngidinga okunye kwakho, qobo lwami. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona, zonke lezizinto, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

19 Manje ngiqaphelile ukuthi lapha sineqoqo lamaduku. Nami ngi . . . Sizofika kuwo esikhashaneni nje.

20 Ngiyangena ngiphuma ohambweni lapho bengikade ngiphezulu ohambweni lokuyozingela, nendoda phezulu eduze kwase-Alaska. Niyazi, lenkathi yonyaka uhlobo lwenkathi yonyaka engiyibeka eceleni, inkwindla yonyaka, ukuzakha kabusha, ngilungiselela izinkathi zonyaka ezingihlalele ngaphambili zenkonzo.

21 Anginamandla kakhulu, awu, bengingathi, emizweni yami. Ngino—nomgudu wemizwa omubi kakhulu. Futhi ngiyaqonda ukuthi kuthatha lolohlobo lomgudu ukwenza inkonzo iNkosi enginikeze yona. Awusoze waba nakho konke kukhazimula, emhlabeni. Ngokomzimba, ngiyabonga kakhulu ngomzimba oqinile. Kodwa umgudu wami wemizwa, ngenxa yokuthi udlala ngqo emgqeni phakathi kokwemvelo nokungaphezu kwemvelo, futhi kukudabula ube yizicucu. Futhi angikaze ngizame ukuhlala phansi futhi ngichaze lokho emabandleni ami, ngoba angeke bakuqonde, ngoba angiqondi, qobo lwami. Kodwa ngisho nakodokotela, bangihlola futhi bafaka lokho kuhlola komfutho kwemizwa; bathi abakaze bayibone into enjengaleyo, niyabo, ukuthi kuzohamba kanjani kusuka endaweni eyodwa, kuthi ngqu kuyo yonke indlela kwenye. Angiluqondi ucwaningo lwabo lwesayensi futhi, noma lokho abakwenzile, izindlela zabo zokwenza izinto. Kodwa ngiyazi ukuthi kwabakhona okuthize okwenzeka kimi ngelinye ilanga, ngenkathi uKristu engibamba, ngaguqulwa.

22 Futhi ngingathanda ukusho lokhu nje, kungahle kungiqinise. Kubonakala sengathi kungaba yinto eyinqaba kakhulu, ukukhuluma ngayo, namhlanje ekuseni. Kodwa nje, ngaphambi kokungenisa uMlayezo wami, ukuze ngizithulise qobo lwami, ngithanda ukusho lokho. Ngenkathi ngimemezela ngokuba lapha, bengingazi ukuthi umama ubezobe egula.

23 Futhi ngimemezelile futhi ngenkonzo yasebusuku. UNkulunkulu ethanda, sizoba nayo. Ngizoba lapha kulobubusuku, ngikhuluma, uma lokho kulungile ngomelusi. [UMfowethu Neville uthi, "Yebo, mnumzane!"—Umhl.] Futhi ngifuna ukukhuluma ngokuthi, *UMduduzi Usefikile,* kulobubusuku. Futhi khona-ke leyo yinkonzo yakulobubusuku. Futhi sinenkonzo yesidlo lapha kulobubusuku. Futhi bonke abantu bayamenywa ngenhliziyo emhlophe ukuba beze

futhi—futhi bathathe lesisidlo kanye nathi kulobubusuku, nangoMlayezo.

24 Kwakungentwasahlobo edlule ngenkathi ngangisenhla e-Alaska, noma phezulu eduze kwase-Alaska, eBritish Columbia, uku. . . ngenxa yezinkonzo, ukuthi iNkosi yasinika isikhathi esikhazimulayo kangaka. Futhi bengi—ngihlala ngiyithanda impilo yokuphumela ngaphandle.

25 Niyangizwa kahle emuva na? Ninga. . . Uma ningizwa, phakamisani izandla zenu, emuva le lapho.

26 Ngihlale ngiyithanda impilo yokuphumela ngaphandle. Njengoba nonke niwazi umndeni wethu, uyazi ukuthi lapho. Umama wami, efa phandle lapho manje, umama wakhe wayeyiNdiya. Futhi ukuphenduka kwami akuzange kukuguqule, futhi mina. . . uthando lwami lwempilo yangaphandle; futhi ngiyajabula, ngoba kuyindawo ethile engibona khona uNkulunkulu. Angihambi kakhulu ukuphuma ngiyozingela inyamazane, kungu—kungukuba wedwa noNkulunkulu. Futhi ngizingela ngedwa.

27 Futhi ngenkathi ngisephezulu lapho, ngihlangane nabanye abaphelekezeli abahle kakhulu. Labo abafo, eCanada nasezindaweni, ngaphambi kokuba ungene ehlane, ikhomishana yabazingeli bezinyamazane bakusayinela umphelekezeli. Futhi lowo mphelekezeli ufanele abe nawe.

28 Futhi ngahlangana nomfowethu ongumKristu omangalisayo, osemusha, oyipentecostal, loyo kwakungumphelekezeli odumile eCanada. Umkakhe wayengomuhle kakhulu, owesifazane osindisiwe. Futhi yena owesilisa uthi akabe neminyaka engamashumi amane ubudala, futhi wayenabantwana abahlanu abancane, abafanyana, kusukela eminyakeni eyishumi nesishiyagalombili kwehle cishe iminyaka emibili ubudala. Futhi wayenikezwe ingxenye enkulu engamamayela angamakhulu amahlanu ye-Alcan Road, okwendawo yakhe yokuqapha.

29 Kukhona amaNdiya emuva lapho, ayengafuni ukuphuma, futhi ayengaqoshayo kakhulu, futhi abeka uphawu phezulu, "Uma ungena lapha, kuzoba nokuchitheka kwegazi." Kodwa, nokho, sagibela salwedlula, futhi sabuyela emuva, ngoba ngangifuna ukukhuluma nalawomaNdiya. Emva kwakho konke, izwe lalingelawo ngaphambi kokuba libe ngelethu, niyazi. Futhi ngaba nesikhathi esihle nawo, ngeNtwasahlobo edlule, ngiwatshela ngeNkosi uJesu.

30 Futhi indoda endala eyodwa, ubaba omdala wesizwe, wayecishe abe nekhulu. Wayenezakhe. . . sengiyabona ukuthi kungani wayengafuni ukuhamba. Babengcwaba ababo abafile ogodweni, bese belengisa ugodo esihlahleni. Babenabantwana ababili abancane ababengcwatshwe lapho. Kusobala, wayengafuni ukuhamba. Ngiyabona ukuthi

kungani wayengeke afune ukuhamba. Futhi abezokonga, u—uhulumeni waseCanada, iDominion of Canada yathi, "Uma bengabaqoshayo, bazovele babakhiphe lapho futhi babenze bahambe." Ngani, uyakuzonda ukuba bakwenze lokho; izingane zabo zilenga lapho ezihlahleni.

31 Futhi ngakho-ke, noma kunjalo, imifula yehla futhi ya sinqumula thina futhi asikwazanga ukubuyela ezweni lapho esasizozingela khona ibhere elimpunga. LoMnu. Southwick, uSouthwick nguye, wayengumphelekezeli. Futhi yena . . . Futhi nganginomfundisi omncane, u-Eddie Byskal. Futhi ngakho-ke umfana wakhe . . . UMnu. Southwick wayeno—nomfowabo omncane, cishe, phakathi kweminyaka engamashumi amabili nanhlanu namashumi amathathu ubudala, wayehlushwa yisithuthwane ngempela.

32 UMnu. Southwick usanda kuba ngumKristu, cishe onyakeni odlule. Owayeyikhawa phambilini, futhi babethi ababe madlakadlaka, uyazi, ekuphileni kwabo. Futhi, kodwa wayesanda kuba ngumKristu, futhi wayekholwa. Futhi yena wathi, "Ngifunde incwadi yakho, Mfowethu Branham." Futhi wayelokhu eqhweba, ngokulinganisana, ngomfowabo enesithuthwane. Wathi, "O, uma kuphela ngingaletha umfowethu kuwe!" Awu, uyazi ukuthi kukwenza uzizwe kanjani, awunasizo, angeke wenze lutho, futhi nje uyazibuza ukuthi bekungenzeka kanjani.

33 Khona-ke eCanada, imvamisa abantu aba . . . Nina bantu enithatha uhambo, niyazi, ekuphatheni amahhashi. Futhi ngiyawathanda amahhashi nezilwane. Ngokwejwayelekile babophela intambo yokuphanyeka emsileni, bese bewadedela ashaye uhide, uhide oluyiqulu. Kodwa angeke ukwenze lapho, ngoba amadwala ayizincwezu; ubungalahlekelwa yihhashi elilodwa, ungahle ulahlekelwe uhide lonke. Ngakho-ke sifanele siwayeke ahambe, futhi ngiwaqoqe angene endleleni.

34 Futhi ngangi le emuva ngemuva, ehhashini eliselincane, ngizama ukuqoqa adukayo futhi ngiwangenise. Futhi uMoya oNgcwele, ngomusa waKhe, wehla. Ngalifaka izipolo ihhashi lami, futhi ngaligibela ngidlula uhide, ngaya phezulu lapho uMnu. Southwick wayehola khona, ngaphandle phambili, ngidabula ehlathini. Futhi ngathi, "Bud?"

Wathi, "Yebo, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Uzolithatha izwi lami na?"

Wathi, "Nganoma yini oyishoyo."

35 Futhi ngathi, "Ngino ISHO KANJE INKOSI ngawe." Ngathi, "Hamba ulande umfowenu eFort Saint John," okungayisikhombisa noma amamayela angamakhulu ayisishiyagalombili ukuqhela, "mkhuphulele emgwaqweni omkhulu lapha." Futhi wayehlala endlwaneni endala nentulo endala lapho yesitofu, wayenabantwana bakhe phakathi lapho.

Futhi ngathi, "Okokuqala lapho ewela esithuthwaneni, hluthula iyembe lakhe emhlane wakhe. Ngizokunika ozokwenza. Liphose emlilweni, bese uthi, 'Lokhu ngikwenza eGameni likaJesu Kristu.'"

Wathi, "Ngizokwenza."

36 Ngakho-ke wahamba, wathumela futhi walanda umfowabo, wamkhuphula lapho. Futhi ngalokho kusa wadingeka aphume ngenqola, nendoda ethile yokongiwa kwemvelo. Futhi umfowabo ngokwejwayelekile uba nokubili noma okuthathu kwalokho kuquleka, ngosuku, futhi waba nakho kusukela esengumfanyana. Nomkakhe wayesabela ukufa, yena owesilisa, lapho esenalokho kuquleka, ngoba wayeba nodlame; onamandla kakhulu, umfo osemncane.

37 Futhi wawela ekuqulekeni, ngemuva kokuba uBud esesukile. Esikhundleni sokuthi yena owesifazane agxuma aphume ngewindi, njengoba ngokwejwayelekile wayekwenza, asuse abantwana bakhe endleleni, wavele wagxumela kuye ngqo wagxamalazela, futhi wahlwitha iyembe lakhe; emncane, owesifazane ogcwalise ngoMoya oNgcwele, wahlwitha iyembe lakhe futhi waliphosa emlilweni, futhi wathi, "Lokhu ngikwenza eGameni likaJesu Kristu." Akakaze abe nokukodwa kusukela lapho. Lokho kwakusentwasahlobo edlule.

38 Izikhathi eziningi, ngiyazi kuthe ukuba nzima kancane. Abantu abengeke baqonde, uthi, "Mfowethu Branham, kungani uthatha uhambo lokuyozingela na?" Niyabo, abaqondi nje. Asikho isidingo sokuzama ukukuchaza, niyabo. Ubamba abantu lapho abangeke neze babanjwe.

39 Cishe ezinyangeni ezimbili ezedlule, noma cishe kade kangako, ngavuswa ngokunye ukusa. Ngiyakholwa, anginasiqiniseko, ngikuxoxile kawabaningi ebandleni. Kunabaningi lapha abangizwile ngikuxoxa lokhu ngaphambi kokuba kwenzeke. Futhi embonweni ngabona, ukuthi ngangibone isilwane esikhulu, esifana nenyamazane idiye. Futhi sasinezimpondo ezinkulu, eziphakeme. Futhi kwaku. . . ngadingeka ukuba ngihambe ngizungeze eceleni, amadwala ayizincwenzu, ka*njena*, ukuba ngifike kuso. Futhi kwakuyisilwane esaziwayo kakhulu. Kwakuyisilwane somklomelo omkhulu. Futhi kwakukhona indoda engayibona eyayigqoke iyembe elinombala oluhlaza satshani, eliyisikoshi. Futhi khona-ke, emgwaqeni, emuva kokuba sengithole isilwane, ngangizwe i—iphimbo lisho lokho, "Lezozimpondo zingamaintshi angamashumi amane nambili ukuphakama." Lokho kuthi akube *ngaka* ukuphakama. Futhi kwakuyisilwane esikhulu kakhulu. Futhi endleleni sengibuyela emuva, ngabona ibhere elikhulukazi elimpunga elinamachopho ayisiliva.

40 Manje, lelo yibhere elaziwayo. Kukhona amane emndenini wampunga. Elilodwa elinamachopho ayisiliva,

elaziwa kakhulu. Elilandelayo libizwa ngokuthi, igama lomdabu, i-*kadish* (?), elingelimnyama, nendlebe eyindilinga; elesibili. Elesithathu, elimpunga elejwayelekile, eliphakathi kwelimnyama nelinsundu, ibhere elikhulu. Futhi elilandelayo yi-Kodiak, elitholakala eKodiak Island na—nasentshonalanga ye-Alaska; likhulu, likhulu kakhulu, elikhulu kunawo onke amabhere, kodwa limpunga. Kodwa elinamachopho ayisiliva limnyama, futhi okumhlophe kuse . . . okuyisiliva kusekupheleni kwechopho lonwele. Lingelaziwa kakhulu, elizwelayo kakhulu, ibhere elinenhliziyo encane.

41 Ngadubula ibhere ngalidubula ngasemsileni lifulathele, ngalibulala. Kodwa ngangibuza ngesibhamu esincane enganginaso, mayelana nokulithola. Futhi ngangibatshelile abazalwane. Bangaki lapha abangizwile ngikhuluma ngalokho ngaphambi kokuba kwenzeke na? Phakamisani izandla zenu. Awu, kusobala, iningi labo, niyabo.

42 Futhi ngakho-ke uMnu. Arganbright wangibiza futhi wayefuna ngiye e-Alaska. Awu, esikhundleni sokuya e-Alaska, ngazizwa ngiholelwa ekutheni ngibuyele emuva phezulu lapha kuloluhambo, phezulu lapha noBud, ngoba ngangimethembisile.

43 Ngenkathi ngifika phezulu lapho, ngatshela unkosikazi wakhe nabo bonke abantu ngalapho, lezizinto Azisho. Ngathi, "Kodwa, manje, yimuphi kini nonke oneliluhlaza satshani, iyembe eliyisikoshi na?" Akekho owayenalo. "Awu," ngathi, "khona-ke kungahle ukuthi olunye uhambo engizoluthatha. Kodwa, ndawo ndawo, iNkosi izonginika khona, ncamashi nje." Ngakho-ke ngathi, "Ngicabange ukuthi kungahle kube yiloluhambo."

44 Awu, saqhubeka, ohambweni. Futhi usuku lokuqala, lapho sesifike phezulu, ngaphezulu ehlathini lemithini yokwenza amapulangwe, lapho kungekho khona imithi yokwenza amapulangwe, phezulu ezinguzungeni zeqhwa, namahhashi ethu. Futhi ngosuku lwesibili, sazingela ezinye, futhi sathola inqwaba yezimvu ezinokusongeka okungamakota amathathu, nokunye nokunye, kodwa nje kwakungalungile.

45 Futhi ukhuluma ngenhlanganyelo, thina sonke mapentekoste futhi sasinoMoya oNgcwele! Saba nesikhathi esithile phezulu lapho, sabona leyomibala ishintsha, nalezozintaba, futhi phezulu le phakathi lapho lapho kuhlala khona uNkulunkulu kuphela! Futhi isikhathi esihle kakhulu! Asiyanga ukuyolala kwaze kwaba yihora lokuqala ekuseni, sidumisa uNkulunkulu nje futhi sinesikhathi esimnandi!

46 Futhi ngosuku lwesibili, saphuma. Futhi cishe amamayela ayisithupha emuva, phezulu ngemuva kwezinguzunga zeqhwa, sabona izinqama ezinkulu. Futhi ngathi, "Awu, sizobuyela

emuva, futhi ngokusa okulandelayo emini sizoba sendleleni yethu."

47 Ngakho-ke sasuka ngakusasa ekuseni, ngaphambi kwemini; futhi safika, ngehora lesishiyagalolunye nqo, sasiphezulu lapho esasibone khona izinguzunga zamaqhwa.

48 Kodwa endleleni phezulu, ngangibone inyamazane ikaribu yami yokuqala yasendle. Angikaze ngiyibone. Ngiyibonile efuywayo, eLapland, nokunye nokunye, kodwa hhayi enyamazaneni ikaribu; okungesiyo . . . I*karibu* igama lomdabu, yi "nyamazane ireyin-diye." Futhi ngakho-ke ngokwejwayekile zinezimpondo eziyisicaba, ka*njena*, olulodwa lugijimela ngqo ngaphambi kwekhala lazo, bese kuthi-ke oluyisicaba luphumela ngaphambili; bese kuthi-ke izimpondo zihhukana ngaphezulu, nolunye oluyisicaba olubanzi.

UBud wayethe kimi, "Mhlawumbe . . . "

49 Ngathi, "Qhabo, qhabo. Yena . . . " Ngathi, "Kwakungesiyona ikaribu, ngoba yayingenalo lolohlobo lwezimpondo." Kodwa ngalokhokusa, ngenyuka, ngani, ngangibone inkomazi nenkonyane. Futhi sawela ngaphesheya kolunye uhlangothi, futhi ngayibona, inkunzi esencane, igijima.

50 Futhi uMfowethu Eddie, ufuna ukupha amaNdiya ukudla lapho ayisithunywa sevangeli khona. Kunendoda ekahle, ephuma ekhaya elithandekayo, nenkosikazi nje ephuma ekhaya elikhulayo. Futhi izingalo zabo zidliwe zaphela phakathi *lapha*, futhi zibuhlungu, namazeze, lapho behlala namaNdiya nezinto, phandle lapho bezama ukuletha uKristu emaNdiyeni. Kuthatha umusa ukwenza lokho! Bephila phandle lapho ngephinathibhatha notiligi, futhi belala kulawomaqhugwane lapho izimbungulu, amazeze nayo yonke into, kubadla kubaqede kanjalo, nokho, ukuletha iVangeli likaJesu Kristu!

Futhi ngakho-ke uMfowethu Eddie wathi nyelele wazungeza igquma.

51 Futhi ngahlala lapho ngishaywa uvalo, amahora amabili, lapho ngibone intaba enkulu eqonge iqhwa. Ngacabanga, "Nkosi Nkulunkulu, angihlale lapha ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane." Ngibone lezozinyoni eziphuzi ezansi egqumeni, nembabala ebomvu, futhi konke kuxubana phakathi nalezozintaba ezinkulu ezembozwe yiqhwa, kubonakalisa phansi emachibini. Kukhona nje okuthize ngakho, ukuthi ungahlala kanjani lapho futhi ukhale, futhi ukhale futhi ukhale, ngoba uNkulunkulu kuphela yedwa ongapenda lokho. Akukho lutho olungakwenza, niyabo.

52 Futhi ngangihlezi lapho, kwenzeka ngacabanga, "Awu, angazi ukuthi kuyokwenzekani kuMfowethu Eddie na?"

53 Ngaya ngale kuBud, futhi wayehlezi laphaya ethokoza kukho, futhi, cishe amahora amabili. Futhi sasukuma, futhi

ngibone ikhamera yebhayisikobho ka-Eddie ilele phezulu lapho. Phezulu kwalezozintaba, akukho lutho ngaphandle kwekaribu, izithonjana eziyivukusi, izithonjana eziyivukusi nje, zingaphezulu lapho imithi yokwenza amapulangwe ingamili khona.

54 Futhi ngamqaphela ezansi kwegquma. Wayephakamisele iminwe yakhe phezulu ka*njena*, wayenyonyobela lenkunzi esencane yekaribu. Awu, wa—wayidubula ikaribu. Futhi sayihlinza nje, futhi sabuyela emuva phezulu egqumeni. Futhi ngehlela maphansi ngokwenele sithola amanzi.

55 Futhi ngangiqalaza nje ngezingilazi zokubuka. Ngandlela thize, cishe amamayela amabili ukusuka kimi, lapho kwakulele isilwane sami. Ngisibonile. Ngathi, "Yiso. Yiso leso." Ngathi, "Buka lapha, uyawabona lamadwala ayizincwezu, sidingeka sihambe sizungeze isayidi." Futhi ngathi, "Into kuphela yiyembe eliluhlaza satshani, eliyisikoshi . . . " Futhi ngabuka, futhi u-Eddie wayegqoke iyembe eliluhlaza satshani, eliyisikoshi.

Ngathi, "Eddie, ngicabange ukuthi wena . . . "

56 Wathi, "Mfowethu Branham, angizange. Umkami kufanele ukuthi ulifakile phakathi lapho." Wathi, "Ngithole iyembe elihlanzekile namhlanje ekuseni, kodwa bengingakwazi lokho. Umkami kufanele ukuthi ulifakile lelo phakathi lapho." UNkulunkulu akahluleki nakanye. Uphelele nje. Lapho wayeneyembe eliluhlaza satshani, eliyisikoshi.

57 Umphelekezeli wathi, "Mfowethu Branham, angazi ukuthi uke waze wafika kanjani ngapho kulokho."

58 Ngathi, "Anginandaba noma ngabe siqhele ngamamayela angamashumi amahlanu, singesami!" Ngathi, "Singeyami." Futhi saqala ukuzungeza lawomadwala ayizincwezu, nje, o, *lowo* mmango, nje ngokuzungeza emasayidini.

59 Futhi safika laphaya, futhi ngayithola ikaribu enkulu. Futhi—futhi esikhundleni sokuba neziyisicaba, yayinezicijile; angikaze ngiyibone efana nayo. Niyabona ukuthi yayiyinqaba kanjani, ukuthi uNkulunkulu uzenza kanjani izinto na?

60 Ngakho-ke satshela abafana ukuthi abehlele ezansi ekudonseni, futhi bathathe amahhashi futhi bathathe inyama, bese behlangana nathi ezansi ekugcineni lapho sifika phansi. Ngoba, uMfowethu Bud waqalaza, wathi, "Umbono kaMfowethu Branham, uma ubuyiqiniso ngomfowethu ephulukiswa, enesithuthwane, uzosithola lesosilwane kungakhathalekile ukuthi sikuphi." Ngakho-ke wathi, "Hlanganani nathi nje, sizoyithola, sibheke ezansi lapho."

61 Futhi ngakho-ke lapho sesiyisuse isikhumba; nesikhumba nezimpondo, nakho konke, kungahle kube cishe amaphawondi ayikhulu namashumi amabili nanhlanu; kodwa nje, hhayi isikhumba somzimba, isikhumba nje kuphela. Ngakho-ke wathi,

"Manje, Mfowethu uBranham," wathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize." Wathi, "Angikwazi nhlobo ukuyihlinza isikhumba lapha," yena nami, oyedwa ohlangothini ngalunye. Wathi, "Uthe lezizimpondo zi 'ngama-intshi angamashumi amane nambili'?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Zibukeka sengathi amashumi ayisishiyagalolunye, kimi."

Ngathi, "Zingamashumi amane-nambili."

Futhi wathi, "Ngineteyipu yokukala esikhwameni sami sesihlalo sehhashi."

Ngathi, "Kulungile, uzobona ukuthi kuyikho impela."

62 Wathi, "Khona-ke, ngokwalokho ongitshele khona, ndawana thize phakathi kwalapha nalapho sihlangana khona nalabo bafana, egqoke leloyembe eliluhlaza satshani, uzothola ibhere elimpunga elinamachopho ayisiliva ekugcineni na?" Wathi, "Angikaze ngilibone elilodwa, futhi ngihlale kulezizintaba yonke impilo yami."

Ngathi, "Kodwa kungu ISHO KANJE INKOSI."

Wathi, "Uyazi ukuthi likuphi na?"

63 Ngathi, "Qhabo. Kodwa indawana-thize phakathi kwalapha nalabobafana." Sasingabona kahle ezansi ngqo lapho babekhona, cishe amamayela amathathu, ezansi ehlathini lemithini yokwenza amapulangwe. Ngathi, "Sizolithola." Manje, lokho yinto ethize!

64 Yena wathi, "Khona-ke, sizoba sezansi lapho phakathi kwehora nengxenye. Futhi uqonde ukungitshela ukuthi uzothola ibhere elimpunga elikhulukazi elikhulu, elinechopho eliyisiliva, ndawana thize phakathi kwalapha nalabobafana na?"

Ngathi, "Lokho kungokweZwi laKhe."

Wathi, "Lilapho."

65 Ngakho-ke sabeka izimpondo phezulu esihlalweni sehhashi, phezulu emakhanda ethu, futhi sihudula futhi sehla egqumeni, saze safika ezinguzungeni zeqhwa. Futhi lapho sifika ezinguzungeni zeqhwa; kwakushisa kakhulu, kwakudingeka singene ezinguzungeni zeqhwa kancane, ukuze sizipholise. Sazedlula izinguzunga zeqhwa, sehlela ezansi saze sashaya lapho amanzi ayephuma ngaphansi kwezinguzunga zeqhwa, futhi ezansi ngokuhambisana sangena e. . . saqala ukungena emthini yokwenza amapulangwe. Sihlala phansi nje, ukuba siphumule.

66 Ngaphenduka, futhi ngabuka. Ngathi, "Buka, Bud! Cishe okufana nenkomo, cishe amamayela amabili ukuqhela."

67 Waphosa phezulu izibuko, wabuka, wathi, "Mfowethu Branham, ngisize ngempela, elinamachopho ayisiliva!" Wathi, "Libuke licwebezela kulelolanga!"

68 Ngathi, "Yilo-ke." Ngathi "Awu asihambe siyolilanda." Ngakho-ke, yilokho esakwenzayo, sahamba futhi salilanda. Ngokusho, embonweni, kwase kuleyithi kakhulu ukuba silihlinze isikhumba ngaleyonkathi, kwadingeka silinde kuze kube usuku olulandelayo.

69 Khona-ke emuva kokuba sesithole elimpunga, sabuya sehla, khona-ke wathi, "Futhi ushilo ukuthi lezozimpondo . . . " Wathi, "Uma lezozimpondo zingama-intshi angamashumi amane nambili, Mfowethu Branham, ngizoquleka."

70 Ngathi, "Awudingi ukuquleka. Kodwa, zingama-intshi angamashumi amane nambili, yilokho eziyikho." Ngakho-ke sehlela phansi e . . .

71 Futhi ngacabanga, embonweni . . . Nina bazalwane eniphakamise izandla zenu, nodadewethu, esikhashaneni esedlule, abangizwile ngikuxoxa lokhu ngaphambi kokuba kwenzeke. Ngishilo ukuthi kungahle ukuba kwakunguBilly Paul. Kwakungumfana omncane. Niyakhumbula nonke ngisho lokho, 'isandla esithile esincane'? Kodwa umfana wakhe uneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, futhi nje ungangoBilly Paul. Niyabo?

72 Futhi ngenkathi ngifika lapho phansi, kwakumi uEddie egqoke iyembe lakhe eliluhlaza satshani, eliyisikoshi. Ngabona lesosandla esincane sizungeza lezozimpondo, futhi ngenkathi eya ngaleya ukuthatha isilinganiso seteyipu, wasibeka phansi lapha, futhi wasibamba, lowomfanyana wabeka izandla zakhe. Ngathi, "Buka, Eddie, lezozandla ezincane ophondweni." Futhi ngenkathi edonsa isilinganiso seteyipu phezulu kanjena, wangibuka futhi waphenduka waba mhlophe qwa emlonyeni, wathi, "Mfowethu Branham, buka lapha! Ethokomele nje, ama-intshi angamashumi amane nambili, ncamashi!"

73 Ungahle uthi, "Mfowethu Branham, kungani usho lokho esikoleni sangeSonto na?"

74 Ngisho lokhu ngalesisizathu. Emuva eTestamenteni eLidala, izazi zakudala nabaprofethi balabo asebahamba, bakhonza uNkulunkulu weZulu, Owabakhombisa imibono. Babemthanda uNkulunkulu, ngomusa waKhe, owawubathanda. Babelangazelele uMuzi ndawo ndawo. Okuthile ngaphakathi kwabo! Bashiya amakhaya abo futhi baba ngabafokazi, ngoba babefuna uMuzi ndawo ndawo. Babekhuluma izinto esizibona zenzeka namuhla.

75 Lowo Nkulunkulu ofanayo Owayebathanda, nangomusa waKhe, futhi wabenzela lezozinto, nguNkulunkulu ofanayo esimkhonzayo lapha kulelitabernakele namhlanje ekuseni, enza izinto ezifanayo. Futhi kukhona, esifubeni sethu, ukulangazelela lowoMuzi, ndawo ndawo lapho beye khona. Futhi ngeZwi laKhe nangezibonakaliso zaMandla aKhe, ngoMoya ofanayo neziprofetho ezifanayo, into efanayo Ayenza

emuva lapho kubo, Usenzela yona namuhla. Futhi niyakubona ngobufakazi obungenakuphosisa, ukuthi nguNkulunkulu neQiniso likaNkulunkulu.

76 Ngakho-ke, noma kuphi lapho lowoMuzi omkhulu ukhona, futhi noma kuphi lapho bebuthene khona, ngilindele ukubona lowomama wami ofayo, nani nonke kanye nabo, ngaleya kulowoMuzi nalabo: u-Abrahama, u-Isaka, uJakobe, uDaniyeli, u-Isaya, uJeremiya. Ngoba, umusa ofanayo kaNkulunkulu obathandile, futhi wabanika leyo mibono, futhi wabakhombisa izinto ezizayo, nguNkulunkulu ofanayo namhlanje esenzela into efanayo, iQiniso elingenasiphosiso! Lona, yiQiniso, mngani.

77 Baba wethu waseZulwini, siyabonga. Kungani Ubufuna ngibe nalezozinto, ngiyacabanga, Nkosi, Ubungikhuthaza nje, wazi ukuthi bekunokwethuka okuzayo. Angazi; Wena uyazi. Futhi ngiyazi angisesuye umfana. Angisiyena umfanyana owayevamise ukubambelela ephinifeni likamama. Futhi sengiyindoda ephakathi nendima yempilo manje. O, ngiKuthanda kangakanani, Nkosi! NgiKukholwa kangakanani! Siphe umusa manje. Sisize ukufundisa iZwi laKho, ukuze abanye bezobona futhi bafunde, futhi bazi Wena. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

78 Okwendikimba, namhlanje ekuseni. Ngicabanga ukuthi yilokho kuphela ebenginakho, nje...Awu, izinkonzo kulobubusuku, isidlo, ukugezana izinyawo, kanjalonjalo, yilokho kuphela. Nginimemile ukuba nihlale futhi nibe kanye nathi. Kodwa, okwendikimba yethu namhlanje ekuseni, asiphenye ngaleya eBhayibhelini, kuMathewu oNgcwele, isahluko 3, ukufunda ingxenye yemiBhalo. Ngifuna ukuqala ngevesi le 10 lesahluko 3 sikaMathewu oNgcwele.

79 Futhi ngiyazi kunabaningi omile, futhi siyakuzonda lokho; kodwa uma abanye benu bazoshintshana nabo, kanye esikhashaneni. Ngi...Ngiyaxolisa ngokuba, ngokuthatha isikhathi sami, kodwa ngi...Niyaqonda. Manje okokufundwa koMbhalo.

> ...*izembe libekiwe empandeni* yomuthi: *ngakho yonke imithi* engavezi *izithelo ezinhle iyanqunywa, futhi iphonswe emlilweni.*
>
> *Mina nginibhaphathiza ngamanzi kube ngukuphenduka: kepha yena oza emva kwami unamandla kunami, engingafanele ukuthwala izicathulo zakhe: yena uzakunibhaphathiza ngoMoya oNgcwele, nangomlilo:*
>
> *Ombenge yakhe yokwela isesandleni sakhe... uzakushanelisisa isibuya sakhe, abuthele amabele enqolobaneni yakhe; kepha amakhoba uzakuwashisa ngomlilo ongacimekiyo.*

*Khona uJesu evela eGalile efika eJordani . . . ukuba azobhaphathizwa nguye.*

*Kepha uJohane* wamnqabela, *ethi, Yimi engiswela ukubhaphathizwa nguwe, wena uza kimi na?*

*UJesu waphendula wathi kuye, Vuma kalokhu: ngokuba kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke.* Futhi *wayesemvumela.*

80 Ngizothanda ukuthatha indikimba yami kulelozwi lapho evesini le 15.

. . . *Vuma kalokhu: ngokuba* kusifanele *ukugcwalisa ukulunga konke.*

81 Izikhathi eziningana bengimangala ukuthi kungani lokho, ukuthi uJesu waseNazaretha . . . Futhi izikhathi eziningi ngibuziwe khona. Kungani uMuntu onjengoJesu kwadingeka abhaphathizwe na? Kungani loMuntu abhaphathizwa njengesenzo sokuphenduka nokuvuma izono, ngenkathi Wayengcwele, engenabala, iNdodana emsulwa kaNkulunkulu ophilayo na? Kungani loMuntu kwakudingeka abhaphathizwe njengomuntu ozayo na? Umbhaphathizo ungemuva kokuvuma. Wayengenazo izivumo ukuba azenze, ngoba WayenguNkulunkulu. Futhi, Yena, kungani Ayefanele abhaphathizwe ngoba Enza, "ekuphendukeni," ngoba Wayengadingi kuphenduka, ngoba WayenguNkulunkulu ongenakuphosisa na? "Wayesezweni, futhi izwe lenziwa nguYe, futhi izwe aliMazanga." Kungani kwakufanele Abhaphathizwe na?

82 Futhi niwuqaphelile umusho ngaphambi kwalokho na? Wathi:

. . . *kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke.*

83 Ngamanye amazwi, "Kufanele kugcwaliseke! Lonke iZwi uNkulunkulu alikhulumile, lifanele ligcwaliseke!" UNkulunkulu angeke asho lutho ngaphandle kokukugcwalisa. Uma eseKukhulumile, kungumsebenzi osuqediwe. Sekuvele kuqediwe uma uNkulunkulu eKukhuluma. UNkulunkulu akakhulumi neze aze ukuba Usekulungele ukuba kubenjalo; futhi, uma Ekhuluma, kufana nje nokuthi sekuvele kwenzekile.

84 Manje, uma lokho kungeke kusinike isisekelo sokubeka ukukholwa kwethu kulokhukusa! Uma uNkulunkulu ekhuluma iZwi, sekuvele kuqediwe. Futhi kuthiwani ngezithembiso zaKhe Asinike zona na? Yonke into Ayishilo, isivele ingumsebenzi osuqediwe. Ngakho, ngakho-ke, uma semukela iZwi laKhe phakathi ezinhliziyweni zethu, seli—selivele lenziwe, liphelele!

85 Futhi kungani ngaleyonkathi Wayezo (akuwuphenduli umbuzo) bhaphathizwa na? Abaningi bathi, "Ngani, Wabhaphathizwa ngoba Wayeyisibonelo sethu." Lokho yiqiniso,

esimnweni esithile, endaweni ethile. Lokho yiqiniso, kodwa akulona iQiniso lonke.

86 IQiniso lakho lalingukuthi, ukuthi Wayeyisifanekiso, WayengumPristi oMkhulu. Futhi ngaphambi kokuba umpristi omkhulu agcotshwe, wayedingeka agezwe.

87 Ngifuna ukunifundela omunye umBhalo, umzuzwana nje, ngale eNcwadini ka-Eksodusi. Futhi ngicabanga ukuthi yivesi lama 29 engilibhalile; isahluko 29, njalo. Futhi ngifuna ukuqala lapha evesini 4 lesahluko lama 29.

> *Usondeze u-Aroni namadodana akhe ngasemnyango wetende lokuhlangana, ubageze ngamanzi.*
>
> . . .*wo—wothabatha izambatho, ufake ku-Aroni,* futhi *ijazi, nengubo*. . .ne*yamahlombe, yamahlombe, nesihlangu sesifuba, umbincise ngebhande elalukiweyo lengubo yamahlombe:*
>
> *Ufake isigqoko ekhanda lakhe, na*phezu *ongcwele*. . . phezu kwe. . .*umqhele esigqokweni.*
>
> Futhi wena *uthabathe amafutha okugcoba, uwathele ekhanda lakhe, umgcobe.*

88 Niyabo, u-Aroni, umpristi omkhulu, ngaphambi kokuba aze agcotshwe, kwakuzodingeka agezwe ngamanzi. Ngakho-ke, ngenkathi uJesu, ngaphambi kokuba Agcotshwe, uMpristi wethu oMkhulu, Wagezwa ngamanzi.

89 Futhi khona-ke lawomaFutha okugcoba athelwe phezu kwaKhe, ukuba Agcotshwe. Njengo-Aroni wagcotshwa ngamafutha; Wagcotshwa ngoMoya oNgcwele. "Ngokuba uJohane wafakaza, ebona uMoya kaNkulunkulu wehla njengejuba, futhi uhamba phezu kwaKhe; nePhimbo lithi, 'Lo yiNdodana yaMi ethandekayo Engithokozile ukuhlala kuYo.'" Ngakho-ke iBhayibheli lasho ukuthi, "UJesu wagcotshwa ngoMoya oNgcwele, wahambahamba enza izinto ezinhle." Niyabo, Wayegcotshiwe.

90 Futhi ngaphambi kokuba Agcotshwe, Wadingeka agcwalise ukulunga konke. Niyabo, Wayedingeka agezwe ngamanzi ngaphambi kokuba ukuGcotshwa kufike phezu kwaKhe.

91 Futhi kungumfanekiso omuhle kakhulu wethu namhlanje, njengabapristi kuNkulunkulu. Sifanele sibhaphathizwe kuqala, sivume izono zethu futhi sibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, sihlanzwe izono zethu; futhi khona-ke niyakwemukeliswa ukuGcotshwa, isipho sikaMoya oNgcwele. Niyabo, hlanzwa kuqala, bese-ke ugcotshelwa inkonzo. Akekho umfundisi ofanele angene epulpiti ngaphandle kokuthi kuqala abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Ngoba, kukhona kuphela. . .Ukuthethelelwa kwezono kuseGameni likaJesu Kristu kuphela, qhabo, alikho elinye igama phansi kweZulu elinikeziwe phakathi kwabantu. "Ukuphenduka

nokuthethelelwa isono kufanele kufundiswe eGameni laKhe, kuqala eJerusalema." Yilapho uMoya oNgcwele wawa futhi wagcoba, kuqala. Ngakho-ke, umfundisi noma yiliphi ikholwa kufanele kuqala lihlanzwe ezonweni zalo, eGameni likaJesu Kristu; bese-ke ligcotshwa ngoMoya oNgcwele, ukuletha ubufakazi ngoNkulunkulu.

92 Futhi uKristu wayengubufakazi bukaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nomhlaba kuYe uqobo. Manje Wathi:

> . . . *Vuma kalokhu*, Johane. Kunjalo.

93 Ngamanye amazwi, "uJohane, uyindoda enamandla, ungomkhulu, umprofethi onamandla. Futhi isambulo sakho ngaMi siyiQiniso impela. Uyangazi ukuthi NginguBani. Uyazi, ngoba inkonzo yakho ayivelanga kumuntu. Inkonzo yakho yavela kuNkulunkulu. Awuzange ukufunde kumuntu. Awufundiswanga lokhu ekholiji. Kodwa e, iminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, wena wangena ehlane, ngoba wazalwa ngokungajwayelekile, umntwana oyinqaba. Futhi kusukela ekuzalweni kwakho impela, uNkulunkulu uqala ukubhekana nawe. Futhi ngisho ngaphambi kokuzalwa kwakho, umprofethi wakubona. Futhi ungukukhanya kwalolusuku. Futhi ehlane. . . Uyazi ukuthi NginguBani, ngoba uNkulunkulu, ehlane, wakutshela ukuthi kuyoba isibonakaliso esiNgilandelayo. Futhi usuvele ufakazile ngaSo, futhi uyasazi. Futhi siyazana ukuthi singobani. Siyazana. Futhi khona-ke kuyiqiniso ukuthi udinga ukubhaphathizwa yiMina. Kodwa asivume kalokhu, ngokuba, Johane, uma singukukhanya kwalolusuku, sifanele sigcwalise ukulunga konke. Lonke iZwi likaNkulunkulu lifanele ligcwaliswe yithina, ngalolusuku, ngokuba kusifanele; kufanele, kufanele, kufana nathi. Ngoba uma singofakazi beqiniso bakaNkulunkulu namuhla, Johane, singukukhanya kwalonyaka. Futhi uma singukukhanya kwalonyaka, kunokuningi kakhulu okomBhalo okuzofanele kugcwaliseke ngalonyaka. Futhi kukithi!" Haleluya! "Kukithi, ukubona ukuthi ukulunga konke kukaNkulunkulu kugcwalisekile."

Futhi kuyini ukulunga kwaKhe na? IZwi laKhe!

94 Ngamanye amazwi, "Johane, uyazi ukuthi NginguBani. NgingumPristi oMkhulu. Lelo yiqiniso, Johane, futhi Ngidinga ukubhaphathizwa nguwe. Kodwa kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke. Nginesidingo sokubhaphathizwa nguwe manje, ukugcwalisa iZwi likaNkulunkulu, ngoba lonke iZwi lizofanele ligcwaliseke. Futhi singukukhanya kosuku, futhi kukithi ukugcwalisa konke lokhu. Futhi Ngiyazi ukuthi ukulunga kwakho nesifiso sakho ukugcwalisa iZwi. Kusifanele. Singukukhanya."

95 Ukukhanya kwawo wonke unyaka kufanele kwenze into efanayo. Siyazi ukuthi yini ezofanele igcwaliseke. Nina eningabakamoya nenilaziyo iZwi likaNkulunkulu, niyakubona lokho uNkulunkulu akuthembisile. Manje iZwi angeke nje lize kulula, kodwa Lifika ngokubheka, ufanele ucindezele indlela yakho ungene ukuLenza. Kodwa, nokho, kufanele thina, kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke kukaNkulunkulu. Sifanele sikwenze.

96 Futhi manje uJesu waqonda-ke, kuJohane, ukuthi uJohane wayengumprofethi weqiniso. IZwi lalikhulumile ngoJohane, futhi Wayazi ukuthi wayengumprofethi ngokoqobo wehora. Futhi uJohane wayazi ukuthi uJesu wayenguMesiya, wehora. Futhi khona-ke bobabili ngokusobala babenokuqonda.

97 O, uma iBandla likaNkulunkulu ophilayo belingafaka lokho kuphela nje emakhanda abo kulokhu ukusa, nezinhliziyo zabo; ukuthi iBandla belingeke lehlukaniswe yimigoqo yehlelo, leyo mehluko ezivumwenikholo nemibala, njalonjalo; ukuthi singahlangana ndawonye eGameni leNkosi uJesu, kungenalutho olungasithwala sihambe sisuke iZwini leqiniso likaNkulunkulu ophilayo; futhi sihamba siqonde ngqo sehlele kulowomugqa womBhalo, ukugcwalisa ukulunga konke kukaNkulunkulu kwanamuhla!

98 Ngokuba, noma ngubani uyazi ukuthi siphila eziNkanyisweni zakusihlwa. Umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sakusihlwa." Futhi ngakho-ke siyazi ukuthi siphila kulelohora, ihora leziNkanyiso zakusihlwa. Ngakho-ke, Nkosi Nkulunkulu, sisize sikuqonde lokho.

99 Asibuyele emuva kancane nje, futhi sithathe abalingiswa abathile ababeyazi indawo yabo ngosuku lwabo, futhi wayevuma ukumela ukugxekwa noma yini enye, ukuze iZwi likaNkulunkulu ligcwaliseke.

100 Asithathe, isibonelo, uNowa nosuku lwakhe. Kwakumfanele uNowa, ngemuva kokuba wayehlangane noNkulunkulu futhi wayelazile icebo likaNkulunkulu losuku.

101 Manje, angeke wenze lutho ngaphandle uma wazi ukuthi wenzani. Ufanele wazi ukuthi kuyintando kaNkulunkulu. Ufanele wazi ukuthi kuyicebo laKhe nesifiso saKhe, futhi kwembuliwe kuwe, khona-ke akukho lutho oluzokumisa.

102 Manje, uNowa wayazi, ngoba wayengayitholanga inkonzo yakhe kwesinye isikole sezemfundo, kodwa wayekhulume ubuso nobuso noNkulunkulu. Futhi wayazi ukuthi kwakuza uzamcolo. Wayazi ukuthi izimvula zizothululeka ziphuma ezibhakabhakeni, njengemifula evulekayo, nakuba kwakumelene ngokugxilile nezindaba zesayensi ngalolosuku. Ososayensi, akungabazeki, bamgxeka uNowa, futhi bathi, "Singafakazisa ngokwesayensi kuwe ukuthi akukho'manzi phezulu lapho."

103 Ngokuba, babengunyaka omkhulu ngaleyonkathi, bebakhulu ngaphezu kokuba sinjalo namuhla, isayensi eningi kunathi namuhla. Niyazi, uJesu wakhomba kukho, "Njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa." Bawakha kanjani amabhubesi amakhulu anekhanda lomuntu nezivivane, nezinto ebesingeke sizithinte, izakhiwo namhlanje. Futhi babengososayensi abakhulu. Babenemibala nezinto, noketshezi lokugqumisa, ngalolosuku, ukuthi babengomisa isidumbu somuntu ofile. Besingeke sikwenze namhlanje uma besingadingeka sikwenze. Babeqhubekele ngaphambidlana kunoma sinjalo. Futhi babengakufakazisa ukuthi kwakungekho manzi lapho.

104 Kodwa, ngokufanayo nje, kwakumfanele uNowa, emva kokuba wayeselazile icebo likaNkulunkulu, ukuthi washayela ngesando emkhunjini, ngokufanayo nje, ngoba wayazi ukuthi lowo mkhumbi wawungaba yiyonanto kuphela eyayingantanta. Akunandaba, uma kwakufakaziswe ngokwesayensi kwakungekho manzi lapho; uma iZwi likaNkulunkulu lalithe liyokuna, lizokuna.

105 Futhi mangime lapha ukusho lokhu, ngenxa yabantu abagulayo. Uma udaba lwakho lulubi kakhulu ukuthi mhlawumbe udokotela uyasho ukuthi alisekho ithemba; kwenza mehluko muni lokho, inqobo nje uma uNkulunkulu ethi kuwe, "Ngizokudedela uphile"?

106 Kungani ukuthi . . . Udokotela noma usosayensi othile ubengathi, "Inkolo yakho okhuluma ngayo, uMoya oNgcwele, nokukhuluma kwakho ngezilimi, nokubonakaliswa kwakho—kwakho, kungukuzikhohlisa kwengqondo." Ukuthi, "Awugcwalisiwe ngoMoya oNgcwele." Ukuthi, "Ayikho into enjalo." Futhi izinkulungwane eziningi zabefundisi basesontweni bayakumemezela lokho namuhla, ukuthi, "Nisetshenziwe nonke." Ukuthi, "Ayikho into enjalo."

107 Futhi kunjalo, abanye babo bathe kimi, "Kungani ungajoyini ihlelo elithile elihle, bese usebenzisa ukuthonya kwakho ukuqhubela phambili lelohlelo na?"

108 Futhi khona-ke bathi, "Manje, leli lapha iqembu lepentecostal owulazela nalo, bayisigejane nje sowaka abakholwayo. Futhi ba—ba . . . Ayikho into enjengaleyo. Basetshenzwe nje ngokwengqondo. Aba—ba—banakho lokhu abakhuluma ngakho. Singakufakazisa lokho abakho."

109 O, mfowethu, uleyithi nje kakhulu. Siyakwazi esinakho! Sizelwe kabusha, ngoMoya oNgcwele, futhi siyayibona imisebenzi yaKhe phakathi kwethu ngqo, njengoba nje kwakunjalo ngesikhathi seBhayibheli. Uma ukholelwa kulowoMoya oNgcwele ofanayo, khona-ke kungani Engenzi into efanayo ebandleni lenu na? Isizathu, Angeke aguquke; UnguNkulunkulu.

110 Ngakho-ke, akunandaba ukuthi buyini ubufakazi besayensi, ukuthi sina "madlingozi nje," ukuthi singa "bathikamezeke engqondweni nje," ukuthi akukho "lutho ngempela kulenkolo enkulu" yethu, ukuthi "aku—kusikho nje lokho okufanele kube yikho," nokunye nokunye kanjalo, ukuthi thina "siyisigejane nje sabaxoshiwe," ungakukholwa! Ungakukholwa!

111 Uma kwenzeka indodakazi yakho ifika ekhaya iphuma esikoleni, bese ithi, "Mama, sifakazisile, namhlanje, ukuthi u—ugebhezi lomuntu lufana nje nolwenkawu enkulu ishimpanzi, uyabo." Noma, "Si—sifundile futhi—futhi siyazi ukuthi sonke savela engqamuzeli elilodwa, ukuthi kuphela nje siyizilwane." Ungakukholwa lokho!

112 Futhi akunandaba ukuthi noma ubani uthini, noma yisiphi isazi sezenkolo, noma yimuphi udokotela, noma yimuphi usosayensi, noma yimuphi uthisha; bambelela nje eZwini likaNkulunkulu! Ngoba, khumbulani, siyakha, njengoba, uNowa wayenjalo osukwini lwakhe, sakha uMkhumbi.

113 Futhi uNowa wayazi ukuthi uma engawuqedi lowo mkhumbi, ukuthi akusibo kuphela abendlu yakhe abangasindiswa. Ngakho-ke, wayelazi icebo likaNkulunkulu. Phakathi kokugxekwa, akuzange kumkhathaze nakancane. Washaya ngesando khona lapho kulowomkhumbi.

114 Ngakho, akunandaba ukuthi basho kangakanani ukuthini, "Ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Kufanele kithina, kusifanele, ukuthi sigcwalise ukulunga konke, ukuthi siyama kulelihora lokuvivinywa, futhi sigqonqa kude eMkhunjini weNkosi!

115 Bayasho ukuthi, "Mfowethu, uxovekile emibhaphathizweni yakho, kanjalonjalo. Kukhona. . . Awufanele ubhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu."

116 Bengikhuluma nezithandani ezithandakayo izolo kusihlwa. Futhi kukhona insizwa esanda kubhaphathizwa nje, futhi ekholwa ukuthi kukhona uNkulunkulu oyedwa kuphela. Futhi emhlanganweni weBusiness Men angeke bayivumele ifakaze, ngoba ayikholwa ukuthi kukhona oNkulunkulu abathathu.

117 Manje, akunandaba ukuthi bathini, kufanele kithina, kusifanele, ukuthi sigcwalise ukulunga konke. IZwi liyohlala linjalo lapho izinhlangano zeBusiness Men nakho konke sekuhambile, amabandla awasayikubabikho. IZwi likaNkulunkulu liyohlala njalo linjalo! Kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke.

118 Abaprofethanga yini abaprofethi ngalolusuku na? Khumbulani, labobagxeki, kwakubafanele ukugcwalisa lokho, futhi, ngoba kufanele kugcwaliseke, futhi.

119 Kodwa, uNowa, akumkhathazanga, wahamba waqhubekela phambili ngqo ngoba wayelwazi uhlelo lukaNkulunkulu. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezokwenzani, Mfowethu Kidd. Wayesazi isimiso sikaNkulunkulu ngoba wayekhulumile noNkulunkulu, futhi kwakungokweZwi likaNkulunkulu, futhi wahamba waqhubekela phambili ngqo ekukwenzeni, noma kanjani. Noma ngabe isayensi yayingafakazisa noma yini enye, noma kwakukuningi kanjani ukugxeka okwakubekwe phezu kukaNowa, wahlala kahle neZwi likaNkulunkulu, futhi wagqonqa khona lapho. Kungani na? Kwakumfanele, ngoba uNowa wayengumprofethi. Futhi kwakumfanele ukuthi wayegcine, iZwi likaNkulunkulu. Wahlala nalo.

120 Kufanele kunoma yimuphi umprofethi, umprofethi weqiniso kaNkulunkulu, ukuthi uhlala neZwi. Kungakhathaleki ukuthi isayensi ingathini, nokuthi *lokhu* kungafakazela *lokhu*, noma okunye nokunye, ku—ku—kufanele ukuthi lokho kugcwalisa ukulunga konke.

121 [UMfowethu Branham buthule ufunda inothi—Umhl.] Kulungile. Bathumele izwi kimi ukuba ngikhulekele umama khona manje. “Mkhulekele manje. Udokotela usevele wahamba.” Kulungile.

122 Manje, Nkosi Jesu, ngimile lapha. Lowo ngumama wami. Uma ehamba, nginikela umphefumulo wakhe ezandleni zikaNkulunkulu. Kodwa nanku uMlayezo ozofanele uqhubeke, Nkosi. Kukhona ophilayo lapha ozodingeka—ozodingeka afe. Ngisize, Nkosi. NgingowaKho. EGameni likaJesu.

123 Kusifanele! Kungifanele manje ukuthi ngigcwalisa ukulunga konke. IZwi likaNkulunkulu liza kuqala! Alukho uthando olufana nothando lukaNkulunkulu!

124 Manje, uNowa, akunandaba ukuthi ukugxekwa kwakuyini phezu kukababa uNowa, wayazi lapho ayemi khona, futhi ngakho-ke wahlala ngqo neZwi. Futhi wakha umkhumbi wokusindisa abendlu yakhe, ngoba kwakumfanele ukuba enze njalo. Kwakumfanele uNowa, u—ukwenza kanjalo.

125 Kumfanele wonke umKristu ukuma ngeZwi. Kunjalo impela. Ame ngeZwi likaNkulunkulu! Kuyakwedlula amazulu nomhlaba, nizokwedlula, ngizokwedlula, amasonto azokwedlula, izinhlangano zizokwedlula. Kodwa iZwi likaNkulunkulu alisoze ledlula! Thembeka, sihambi esethembekile!

126 Ezinsukwini zika-Enoke, ngaphambi nje kukazamcolo, ngenkathi u-Enoke ebuka phandle lapho futhi wabona uNowa akha kude le kulowomkhumbi. U-Enoke wayengumprofethi. U-Enoke wayazi ukuthi wayengumfanekiso. Futhi wayazi, ukuthi ngaphambi kokuthi uzamcolo ufike, ukuthi wayezodingeka anikeze isibonelo, ngakho-ke ngenye intambama kwakumfanele ukuba athathe uhambo. Kwakufanele ukuthi wayezothathatha

loluhambo noNkulunkulu. Futhi, ngandlela thize, ngalolosuku washintsha indlela yakhe. Esikhundleni sokuhamba azungeze uhlangothi lwegquma, wathatha uMgwaqo omkhulu weNkosi, futhi waqhubeka nje wahamba. "Futhi abamtholanga, ngoba wayengasekho," kodwa wayehambe wakhuphuka ngoMgwaqo omkhulu weNkosi!

127 O Nkulunkulu, mangibe njengo-Enoke! Lapho ihora lifika ukuthi ngifanele ngithathe indlela, mangithole uMgwaqo omkhulu weNkosi!

128 Sengiyambona u-Enoke. Njengoba wayazi ukuthi kwakumfanele, ngokuba wayengumprofethi, futhi wayazi okwakuzokwenzeka. Ngakho-ke, sengiyambona anga umkakhe evalelisa, futhi ethi, "S'thandwa, ngizokubona emuva kwesikhathi." Waqukula abantwana bakhe, futhi wabanga wabavelelisa; futhi wehlela endodaneni yakhe eganiwe nendodakazi yakhe eshadile, futhi wabanga wabavelisa.

129 Bathi, "Uyaphi, baba na? Ngabe uyaphuma okohambo nje oluncane na?"

"Yebo, ngiyahamba ukuzishayelwa ngomoya."

130 Kodwa akazange athathe endala, indlela ejwayelekile ngalolosuku. Wathatha uMgwaqo omkhulu weNkosi, futhi waqhubekela phambili waya eNkazimulweni. Kwakumfanele ukwenzenjalo. Wayengafuni ukuhamba, kepha nokho kwakumfanele ukuthi yena agcwalise ukulunga konke. Ngoba, wayengumfanekiso weBandla namhlanje. Wayengumfanekiso weBandla elizohamba lithathe ukushaywa ngumoya kwantambama, ngenye yalezintambama. Sizoshaya ngoMgwaqo omkhulu weNkosi, futhi siyohamba siye kude!

131 Ya, kwakumfanele uNowa, kwakumfanele u-Enoke, ukuthi bayogcwalisa ukulunga konke.

132 Khona-ke ngifuna ukukhuluma ngenye indoda lapha. Kwakukhona indoda egama linguDaniyeli. Futhi yayiphila osukwini lwabagxeki. Niyazi, aBantwana bakwa-Israyeli babethathiwe ezweni lakubo lendabuko, behliselwa eBabiloni, futhi lapho babedabukile, futhi okweminyaka engamashumi ayisikhombisa athile babekade besenzansi lapho. Kodwa kwakukhona umprofethi omncane owehla nabo, ogama linguDaniyeli.

133 Futhi yena neqembu elincane, idlanzana nje labazalwane, bahlangana ndawonye futhi babezenzele isifungo kuNkulunkulu, ukuthi babengeke bazingcolise nge—ngenkambiso yesimodeni yalolosuku. Babengeke bazilulaze ngokudla kwenkosi. Babengenakuziphuza iziphuzo zayo ezinamandla. Babengeke bayithamele imicimbi yayo. Kodwa babezozigcina bengcwele futhi bezinikele kuNkulunkulu, ngokuba kwakubafanele!

134 Kwakumfanele uDaniyeli, ngoba wayengumprofethi, ukuthi wayehlale neZwi.

135 Noma yimuphi umprofethi weqiniso olaziyo iZwi likaNkulunkulu, lowo...Uma engalazi iZwi likaNkulunkulu, khona-ke akasiyena umprofethi weqiniso. Umprofethi weqiniso uhlala neZwi. Noma yini iZwi elikushoyo, bahlala naLo ngqo. Kungendaba ukuthi izimiso zosuku, noma lokho i—ibandla lesimodeni elikushoyo, noma lokho omunye akushoyo, noma omunye umuntu enza enye into, umprofethi weqiniso uhlala neZwi ngqo.

136 Futhi uDaniyeli wayazi, ukuthi uma ehlala neZwi, ukuthi kumbizani. Kuzombiza ukuthandwa kwakhe ngabantu. Kwakuzombiza inhlanganyelo yakhe nabobonke abazalwane. Kwakuzombiza inqwaba yezinto. Kodwa benza udaba, ukuthi, babezokhuleka kunkulunkulu othile, khona-ke emva kwalokho babengabuyela emuva futhi bakhuleke kunoma yimuphi unkulunkulu.

137 Kodwa niyazi, into ethize mayelana naKho, Nkulunkulu, asixegisi ngoNkulunkulu. Akukho kuxegi-...kuxegisa, ngoNkulunkulu. UNkulunkulu uhlale nje enguNkulunkulu! Akasilindele, ngeSonto, ukuba sibe ngamaKristu, sidumisa Yena futhi sikhonza Yena; futhi, ngoMsombuluko, oyintengentenge futhi akuthathe akwehlise, nazo zonke izinhlobo zemicabango, ukuthi, "Mhlawumbe benginephutha, futhi bengifanele ngenze *lokhu* noma *lokho*." Sihlala ngqo maphakathi eZwini likaNkulunkulu, futhi silale ngqo kuLo!

138 Ngakho-ke sithola ukuthi, uDaniyeli, kwakumfanele, njengomprofethi, ukuhlala neZwi, kungakhathaleki! Ngakho-ke kwabakhona isimemezelo esaphumayo, futhi sathi, "Ukuthi noma ngubani ozokhonza noma yimuphi omunye unkulunkulu, ngaphandle kwalowonkulunkulu ababemkhethile." Ngamany' amazwi, "Uma ungasebenzisani nathi, sizovele sikuphonse emphandwini wezingonyama." Awu, kwakumfanele uDaniyeli, kwakumfanele ukuthi agcwalise ukulunga konke, ukuthi angakhonzi omunye unkulunkulu, noma azithandele yena nezwe; kuphela kuNkulunkulu kuphela! Ngakho-ke, wavele waphosela emuva izivalo futhi waphosa phezulu ifulemu yefasitela, futhi wavula amakhethenisi, futhi wabuka ngaseMpumalanga, futhi wakhuleka kathathu ngosuku, njengoba wayehlale enza. Ngani na? Hhayi ukuthi nyelele ndawana thize futhi ucashe, ukukwenza, kodwa wavula amafasitela; wavumela ukuthi noma ubani abone, ofunayo. Wayengenamahloni ngenkolo yakhe.

139 Ngoba, kumfanele umKristu ukungabi namahloni ngenkolo yakho. NjengoPawulu, wasendulo, wathi, "Ngendlela okuthiwa ukweduka, ukuhlanya, yileyondlela engimkhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba." Niyabo? "Anginawo amahloni

ngeVangeli likaJesu Kristu," wathi, "ngokuba lingaMandla kaNkulunkulu kuyo insindiso, kunoma ubani oLikholwayo." Kunjalo, anginamahloni ngeVangeli! Liyinto ebambelele emahoreni lapho umkhumbi uyendezela nayo yonke inkanyezi ayibonakali, nenyanga nezinkanyezi, neziphepho ziphephetha. Lisalokhu libambelele, ngoba yiVangeli likaJesu Kristu!

UDaniyeli wayethembekile. Kwakufanele kuye.

140 Abantwana bamaHeberu, kwakubafanele bona, kubafanele, emva kokuba babethathe ukumela kwabo uNkulunkulu. Kwakubafanele. Ababanga nandaba ngesithando somlilo. Ngaphansi kwezilingo ezinzima, yini abayikhathalela na? Babethathe ukuma!

141 O Nkulunkulu, uma amaKristu anamhlanje ebengakubona kuphela lokho! "Ngizothatha indlela yami nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Ngiqale ukungena noJesu, O Nkosi, ngithathe, ngedlule." Ngaphansi kwesilingo, izinkathazo, ubuhlungu benhliziyo, ukufa, ukugula, usizi, ngisazolokhu ngiphosa unkatho lwami kuJesu Kristu, ukuze ngithathe ukuma kwami! "KuKristu, iDwala eliqinile, ngimile, yonke eminye imihlabathi yizihlabathi ezibishayo." Yonke enye into iyabisha. Imibuso iyowa, nezizwe ziyokwehlukana, namahlelo azohlakazeka, nezazi zenkolo ziyofa, kodwa iZwi likaNkulunkulu, liyolokhu lihlezi linjalo!

142 Yebo, kubafanele ukuthi bazothatha ukuma kwabo. Futhi kwakubafanele, ngemuva kokuthatha ukuma, ukuthi bayohlala ekumeni kwabo.

143 Uma uza namhlanje ekuseni, ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, futhi uthathe ukuma kwakho, kukufanele ukuthi awulokothi ufakaze noma yini ephikisana nakho; noma, ungezi. Kunjalo. Uma ungezwa sengathi uNkulunkulu uzokuphulukisa, khona-ke hlala kude le, wenza inhlekisa kuphela ngakho.

144 Uma uzwa, kulokhu ukusa uma ukubizela e-altare kufika, ukuthi, "Ngifuna ukuthatha ukuma kwami kukaKristu." Uma uzwa, bala inani; bala amadoda akho, ubone ukuthi ungakwazi yini ukuya empini. Bona ukuthi usukulungele yini. Uma ungazizwa sengathi ukulungele, ungezi. Kodwa uma Okuthile kukutshela, "Lolu usuku lwami, lokhu ukusa kwami," khona-ke uzoza futhi uhlale njalo lapho! Unganyakazi nhlobo, akunandaba uma ukufa kubhekana nawe, nenkungu intanta ebusweni bakho. Yini oyikhathalele na? Yima lapho! Ngoba, "Kodlula amazulu nomhlaba; amaZwi aMi awasoze ahluleka!" Uzohlala naLo.

145 Uma uthi, "Ngiyamkholwa uJesu Kristu njengoMphulukisi wami. Ngiyakholwa, kulokhu ukusa, ukuthi Uzophulukisa umzimba wami ogulayo. Into ethize ingitshele ukuthi angize endlini yokukhonzela. Ngilapha phakathi

kwamakholwa. Ngithatha ukuma kwami, kulokhu ukusa. NgiyaLikholwa! Ngiyakhuphuka ukuba ngiyokhulekelwa. Lapho sengikhulekelwe, lapho kulokho kuma ngizohlala! Anginandaba ukuthi kuba mnyama kanjani, noma kukuphi, ngisama ngithule kulokho kuma." Uthathe ukuma ngoba kukufanele.

146 Emuva kokuba uke wakwenza ukuvuma, ufanele uhlale nokuvuma kwakho. Kunjalo. Kukufanele wena, njengomKristu, njengekholwa, ukuhlala nokukholwa kwakho.

147 Ungamvumeli udeveli akuphushe akususe *lapha* na*lapho*. Uhlala njalo udungekile. Uhlala njalo uphumile emgwaqeni omkhulu. Uhlala njalo ungena uphuma. Futhi yileyondlela ungeke wahlala ndawo. Angeke waba nokuzethemba kuwe uqobo. Noma, awukwazi, akekho ongaba nokukwethemba. Uzofanele ume! Futhi lapho usukwenze konke ongakwenza ukuze ume, khona-ke yima! Yiba ulokhu umile nje! Kunjalo. Sifanele sikwenze lokho. Kusifanele. Kufanele thina, ukuthi sikwenze.

148 Kwakufanele ku-Eliya, kufanelekile ku-Eliya umprofethi, ukuthi wenza ukuma kwakhe ukugcwalisa iZwi likaNkulunkulu, ngoba wayelazi iZwi likaNkulunkulu. Futhi wayazi ukuthi lombhishobhi omkhulu, uJezebeli, nayo yonke imehluko yabo yamahlelo yahlangana nesimo sezwe. Kwakufanelekile ku-Eliya, njengomprofethi, ukuthi ame. Futhi wama yedwa! Wathi kuNkulunkulu, "Bonke bahambile, kodwa mina, futhi mina ngimi ngedwa." Lokho ngukwazi ayenakho. UNkulunkulu washo ukuthi Unabanye abaningi abathathe ukuma okufanayo; mhlawumbe hhayi endaweni leyo—leyo u-Eliya ayekuyo, ngoba wayeyisisulu esizweni. Abazange bakuthole ukugxekwa njengoba akuthola, ngenxa yokuthi bonke wayedubula kuye ngqo, ngoba wayengumprofethi. Kodwa kwakumfanele, phakathi kokulingwa, phakathi kokugxekwa, phakathi kokunganaki; kwakumfanele u-Eliya, njengomprofethi, ukuthatha ukumela uNkulunkulu, futhi ume lapho.

149 Kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke. Amakhulu, amadoda anamandla, ebikezela lolusuku lapho izinkolo zikaJezebeli nezinto ziyaphakama manje, izinto esinazo namhlanje, sizama ukulidla. Kuyifanele inceku kaNkulunkulu, kungakhathaleki ukuthi noma ubani uthini noma kwenzekani, yima, ngoba kusifanele ukuthi sihlale neZwi.

150 U-Eliya wayazi ukuthi wayengumprofethi. Wabona imibono. UNkulunkulu wayemqinisekisile ukuba abe ngumprofethi. Ngakho-ke akunandaba ukuthi abazalwane bakhe . . . Babengamashumi ezinkulungwane; bukani nje ama-Israyeli, izigidi zawo, abantu ababezisho ukuthi bakholelwa kuJehova, babe—babezihlelile bona uqobo. Babehambe baba yisimodeni,

njengoba benjalo namuhla. Bahambe baba yisimodeni. Baxegisile eZwini laKhe. Haleluya, kodwa kwakumfanele, u-Elija, ukuthi agcwalise ukulunga konke. Ngakho-ke wama lapho, yedwa, ememeza kakhulu ngokumelana nobubi! Ukube babethathe ukuphila kwakhe, kuthiwani ngakho na? Kwakumfanele, ukugcwalisa ukulunga konke. Kwakukhona ububi ezweni. Kwakukhona ukunganaki ezweni. Kwakukhona okungalungile ngokomBhalo ezweni. Futhi kwakumfanele u-Eliya ukugcwalisa ukulunga konke, ukuba amele uJehova; khona-ke uJehova wamela u-Eliya. Amen. Kumfanele!

151 U-Abrahama. Kwakumfanele u-Abrahama ukuthi azehlukanise nokungakholwa. Kulifanele noma yiliphi ikholwa ukuzehlukanisa nokungakholwa! U-Abrahama, kwakumfanele ukuhamba angene ezweni lakhe uqobo, yena noNkulunkulu, yedwa, ngoba wayengumprofethi. Izwe aliqondanga ukuthi kungani u-Abrahama enza ukukhetha okunjalo. Kungani ashiya ikhaya lakhe na? Kungani ashiya ibandla lakhe na? Kungani ashiya abantu bakubo na? Kungani enza into engubudedengu kanjena, ukuba ayogogobala ezweni labezizwe lapho kungekho amanzi noma ukudla na? Kungani ahamba wayongena kulezozingwadule ezimakhaza lapho abantu babengakaze baye khona okwangaleso sikhathi na? Kodwa kwakumfanele, ngoba wayengumprofethi, ukuzehlukanisa kukho konke ukungakholwa, nokuhamba yedwa noNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, "Zehlukanise, futhi Ngizokubusisa."

152 Uma uzehlukanisa nakho konke ukungakholwa, uNkulunkulu uzokubusisa. Futhi kusifanele thina sonke, kungakhathaleki ngenani, ukuzehlukanisa thina uqobo ezweni elingakholwa. "Phumani kubo, futhi zehlukaniseni," kusho uNkulunkulu, "Ngizonamukela." Kusifanele, njengamadoda nabesifazane bakaNkulunkulu, ukuthatha ukuma kwethu kulelihora elimnyama esiphila kulo.

153 U-Abrahama, kungakhathaleki ukuthi bonke ababo bacabangani, wazehlukanisa. Ngani na? Wayembonile uNkulunkulu. Wabona umbono. Umbono wawuyiqiniso, umbono uyafezeka. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayenaye; u-Abrahama, ukwenza isitatimende esingudedengu njengoba asenza. Umuntu oneminyaka eyikhulu ubudala, nonkosikazi onamashumi ayisishiyagalolunye, futhi wayeyinyumba futhi yena owesilisa wayengazali, futhi babezoba nengane kulonyaka. Ngani, isayensi yezokwelapha yalolosuku yayizombiza ngohlobo oluthile olungaqondakali. Babeyombiza ngo "hlanya." Kodwa kwakufanelekile. Haleluya!

154 Ngezinye izikhathi kufanelekile ukuba ngongaqondakaliyo, uma kungokweZwi.

UNkulunkulu wayekhulumile kuye, wathi, "Abrahama."

Wathi, "Yebo, Nkosi?"

155 "NgingguNkulunkulu wawoyihlo. NgingguNkulunkulu waPhakade. Ngingu-El Shadayi; NgiyisiFuba, NgingamaBele, NgingguMnikezeli-Mandla. Anginandaba ukuthi uneminyaka emingaki ubudala, Abrahama, kuyini lokho kiMi na? Anginandaba ukuthi awuzali kanjani noma isibeletho sakhe siyinyumba kanjani, Ngizokunika indodana."

Futhi u-Abrahama wathi, "Ngiyakukholwa Wena, Nkulunkulu." Haleluya!

156 IBhayibheli lathi, "Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo." Ngani na? Kwakumfanele. Wayesibonile isandla sikaNkulunkulu sihamba, ngamandla.

157 O, Tabernakele likaBranham, hlobo luni lwezwi esiyolinikeza ngoSuku lokwaHlulelwa na? Lapho, sisibonile isandla saKhe esinamandla. Siwabonile aMandla aKhe. Siyibhekisisile iNkazimulo yaKhe. Sikubonile Akusho; aKukaze kwehluleke. Simbonile uMuntu waKhe, iNsika yoMlilo enkulu, ukuKhanya kulenga egumbini lapha. SiKubonile ngaleya, isayensi ithathe izithombe zaKho, nakho konke. Futhi sizwe uMlayezo uphuma, uqonde ngqo ngomugqa, "Zehlukaniseni nabo! Ningahlanganyeli nanoma yini yokungakholwa!" Kusifanele, ukuthi sigcwalise ukulunga konke.

158 U-Abrahama wavuma ukuthi wayeyisihambi nomfokazi. Wayengenalutho ayengalwenza; wayengazi muntu emhlabeni. Wahamba noNkulunkulu, ngoba kwakumfanele, ngoba wayeMbonile. Kwakumfanele u-Abrahama. Ngenkathi onke lawomakhosi ehlangane phandle lapho, niyazi, ukumenza abe ngumfo omkhulu kakhulu; onke amakhosi, ngemuva kokuba u-Abrahama wayeyobe ethole lokhu kunqoba okukhulu, ngenkathi amakhosi ehlangane naye phandle lapho, bonke abafowabo bamahlelo, futhi bathi, "Uyazi, Abrahama, sizo—sizokwenza isivumelwano nawe. Sizokwenza *ukuthi-nokuthi*."

159 Wathi, "Angeke ngithathe entanjeni yesicathulo, kimi; hhayi ukuthi wena ubuzothi, 'Ngenzele u-Abrahama okuthile.'"

160 O, kwakumfanele, ngokuba wayazi (Haleluya) ukuthi uNkulunkulu wafunga kuye, "Ngiyokunika yonke indawo oyibukayo: empumalanga, enyakatho, entshonalanga, noma eningizimu."

161 Kwenza mehluko muni noma ngabe sinozuka noma usheleni, noma ngabe sinokuthile esingakudla noma ngabe asinakho, noma ngabe siyaphila noma siyafa na? UNkulunkulu wethembisa, "Abamnene bayakudla ifa lomhlaba." Kusifanele thina, kusifanele, ukuthi siphile njengakho, siziphathe njengakho, sifanele sigcwalise ukulunga konke. UNkulunkulu ufuna abesilisa nabesifazane abazokuma futhi bagcwalisa ukulunga konke! Kusobala, *ukulunga* yi "Zwi laKhe."

162 Njengoba ngishilo ekuqaleni kwentshumayelo, yingalesosizathu uJesu abhaphathizwa. Akunandaba ukuthi kwakunjani . . . Uma Azisho ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, khona-ke abhaphathizwe, kukho ukuthethelelwa kwezono na? Wayengenakho. Kodwa Wayezodingeka agezwe, ngoba WayengumPristi oMkhulu. Wayezodingeka agcwalise ukulunga konke. Wathi, "Vuma kalokhu, Johane. Ngiyazi ukuthi uyakwazi. Ngiyazi ukuthi Ngiyakwazi. Futhi siyazana. Kodwa sizovuma kalokhu, kepha ngoba kusifanele." Amen! Haleluya!

163 Khona-ke ngizothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi! Kungifanele, kunifanele, njengezinceku zikaNkulunkulu, ukuthi sithatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi; ukuthi sihamba ngokumesaba uNkulunkulu, ngokulunga, ngobungcwele, kulempilo yamanje; sibeka eceleni konke okusindayo okuthandele kalula kangaka kithi; sibuka kuMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu, uJesu Kristu! Amen.

Kwakumfanele u-Abrahama, ngenkathi enyukela lapho.

164 Futhi uNkulunkulu wamtshela, "Manje, thatha lomfanyana. Manje usuneyikhulu na (cishe) namashumi amabili eminyaka ubudala. Futhi unomfanyana lapha, ikhanda elinezinwele ezisongene elincane. Uyinto encane enhle. Kodwa ngifuna umthathe umkhuphulele lapho entabeni, futhi umnikele abe ngumhlatshelo, ngaye ngizoKwenza izizwe eziningi ngawe." Kungenzeka kanjani na? Kwakubukeka sengathi uNkulunkulu wakusonta konke. "Ngizothatha, ngo-Isaka, futhi ngibusise umhlaba wonke nezizwe zonke, ngaye; kodwa Ngifuna wena, umthathe, phezulu lapho futhi umbulale. Ngembewu ka-Isaka . . ." Haleluya! "Ngembewu ka-Isaka Ngizobusisa izizwe zonke ngaphansi kwamaZulu, kodwa Ngifuna umkhuphulele lapho futhi umbulale."

165 O, lowo oqinile, onamandla, ubaba omdala; nezinkuni nesaka linqume emhlane wakhe, ehola imbongolo. He! U-Isaka omncane ehamba phambi kwakhe! "Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa." Kwakumfanele!

166 Ngoba u-Abrahama washo, qobo lwakhe, "Ngamemukela njengoyedwa ovela kwabafileyo, futhi ngiqinisekile ukuthi uNkulunkulu angamvusa futhi." Amen! Kwakumfanele u-Abrahama, ukugcwalisa ukulunga konke. Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wayemazi uNkulunkulu wakhe. Wayazi, lokho uNkulunkulu akushilo, uNkulunkulu uyakwazi ukukwenza. Isithembiso esenziwa nguNkulunkulu, uNkulunkulu uyakwazi ukugcina isithembiso saKhe, kungakhathaleki. Ngakho-ke, kwakumfanele u-Abrahama ukuthi agcwalise ukulunga konke.

167 Kwakubafanele abafundi, ngePentekoste, ukuya kulelo kamelo eliphezulu. Ngani na? Kungani kwakufanele na? Ngoba babehlangane noMuntu; uMbazi, owaziwayo ezweni, isiHambi saseGalile esinegama elibi, "ivezandlebe." Kodwa babeyibonile leyoNdoda ivusa abafileyo. Babeyibonile leyoNdoda ivula amehlo ayimpumputhe. Babeyizwile leyoNdoda ishumayela elimsulwa, iZwi likaNkulunkulu. Futhi babazi ukuthi WayenguMesiya. Babezibonile zonke izibonakaliso ngakuYe. Babemzwile uNkulunkulu ephendula esemaZulwini. Babeyibonile leyoNsika yoMlilo ilengela phezu kwaKhe. Babazi ukuthi WayenguMesiya. Futhi ngenkathi ebatshela ukuthi, "KuNgifanele ukuthi Ngihambe; kodwa Ngifuna nikhuphukele lapho emzini waseJerusalema, futhi nihlale phezulu lapho. Nilinde nje lapho."

"Kuze kube nini na?"

"Kuze!"

"Kuzoba nini lokho, Nkosi na?"

168 "Kuze nje! Nize nembathiswe aMandla avela avela Phezulu! Khona-ke nizoba ngofakazi baMi."

"Kuzohlala isikhathi eside kangakanani, Nkosi na?"

169 "Ku*lesi* sizukulwane, naku*leso* sizukulwane, nabaningi labo iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza. EJerusalema, eJudiya, eSamariya, nasezingxenyeni zonke zomhlaba. Kodwa, ngaphambi kokuba nihambe, ngifuna nilinde! Ngizonenzela okuthile."

170 Kwakubafanele ukuthi bahambe bangene ekamelweni eliphezulu, ngoba babewabonile aMandla aKhe. Bayazi ukuthi Wafa, ukufa. Wafa ukufa kakhulu ukuthi ngisho inyanga nezinkanyezi kwafakaza ukuthi Wayefile, zabufihla ubuso bazo futhi abuzange bukhanye. Umhlaba wawazi ukuthi Wayefile, waze wayendezela ngokuphelelwa amandla. Amadwala athunqa aphuma emhlabathini, lokho kwakukade kulapho kusukela ekubhujisweni komhlaba ngozamcolo. Babazi ukuthi kwakunguMesiya. Babekwazi lokho, iZwi laKhe lalikhona, ukuthi Wayezothumela emuva uMoya oNgcwele. Babazi ukuthi leso kwakuyisithembiso. Babazi ukuthi babefanele baWulinde phezulu lapho. BabeMbonile. Babazi ukuthi Wayefile; babazi ukuthi Wayevukile. BabeMbonile, ngakho-ke babazi ukuthi babekhuluma ngani.

171 Indoda ize yazi ukuthi ikhuluma ngani, angeke isho okuningi kakhulu. Kodwa uma wazi ukuthi ukhuluma ngani! Uma ucabanga ukuthi lokhu ukuxhuxhuma, woza uKuthole kanye, khona-ke uzokwazi ukuthi ukhuluma ngani. Akusikho ukuxhuxhuma. NgaMandla kaNkulunkulu ensindisweni. NguMoya oNgcwele. Ngiyakwazi engikhuluma ngakho. Wonke umuntu, uMemukele, uyazi ukuthi bakhuluma ngani.

172 Kwakubafanele abafundi, kwakubafanele ukuthi bafanele bagcine iZwi laKhe, ukulinda phezulu eJerusalema. Ngakhole bakhuphuka ukuyolinda ePentekoste, baze bemukela uMoya oNgcwele. Ngokuba, khona-ke babazi ukuthi inkonzo yabo yayingeke iqhubeke baze bemukele uMoya oNgcwele, ukufakaza ngaYe. Babazi ukuthi babengenalusizo. Kodwa babedingeka babe noBukhona baKhe, ngakho-ke bahamba ukuyoWulinda.

Kwakumfanele uPetru, emva kokuba uJesu ehlangane naye.

173 KuMarku 16, wathi, "Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amadimoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka; baphuze okubulalayo, akusoze kwabalimaza; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

174 Kwakumfanele uPetru oNgcwele, umdobi omdala, wayengenayo imfundo eyanele ukusayina igama lakhe uqobo. Kodwa ngeliny'ilanga lapho ehamba edlula esangweni eLihle elalakhiwe nguSolomoni, lapho kwakulele indoda eyayilunyonga. Amadolo ayo ayentekenteke, amaqakala, yayingakwazi ukuhamba. Yayikade ibe ngaleyondlela. Yayingenamandla. Indoda ecishe ibe neminyaka engamashumi amane ubudala, futhi yayingenamandla. Kodwa lapho uPetru ezwe inkomishi ikhenceza, futhi wabuka phansi futhi wabona indoda ekhubazekile ilele lapho, futhi iNto ethile yagqonqa enhliziyweni yakhe! Wayekade esePentekoste, wayenoMoya oNgcwele! Wayenesithembiso sikaJesu, ngakho-ke kwakufanele, kwakumfanele, ukuthi wathi, "Isiliva negolide anginalo." Wanikeza ubafakazi bakhe, "Anginalo isiliva negolide. Kepha, enginakho, ngizokunikeza khona uma ungakwemukela."

Sengathi ngiyayibona indoda ithi, "Ngingakwemukela."

175 Wathi, "Khona-ke, eGameni likaJesu Kristu waseNazaretha, yima ngezinyawo zakho futhi uphile." Futhi welulekela phansi futhi wayibamba, ukusebenzisa ukukholwa kwayo, futhi wayiphakamisa kanjalo; futhi amathambo amaqakala ayo athola amandla, futhi yahamba, igxuma, idumisa futhi ikhazimulisa uNkulunkulu.

176 Kwakuyifanele ukukwenza, kwakufanele kuyo. Yayizofanele ikwenze, ngoba wayengumfundi ogcotshiwe. Wayekade enoJesu. Izwe lonke lalazi, kuthangi, eNkantolo yeSanhedrin, lapho babenaye bebuthene phezulu, yena noJohane, bobabili, bengazi lutho futhi bengafundile; babazi ukuthi babekade benoJesu, ngoba bezwa indlela ababekhuluma ngayo, isibindi ababenaso. Babazi ukuthi okuthile kwakwenzekile kubo. Futhi uPetru wayekwazi lokho. Ngakho-ke kwakumfanele uPetru, kwakumfanele wayenesithembiso sikaNkulunkulu salolosuku.

177 "Ngizokunika aMandla. Ngizokunika aMandla. Uzonyathela amakhanda ezinyoka nawofezela. Noma yini

oyicela eGameni laMi, lokho Ngizokwenza. Uma uthi kulentaba, 'nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushilo."

178 Kufanele kuPetru khona-ke ukuKukholwa. Kumfanele. Yilokho ayefanele akwenze, ngoba wayazi ukuthi wayephila osukwini lwalowomyalo. Lokho kwakungukuKhanya kwehora. Uvuko lwalufikile nje, uMoya oNgcwele wawulapho. Kwakumfanele.

179 Kwakumfanele uPawulu oNgcwele; ngemuva kokuba umgxeki. Futhi endleleni yakhe ezansi eya eDamaseku, ngolunye usuku lapho, leyoNsika yoMlilo eyayihole u-Israyeli esuka eGibhithe engena ezweni lesethembiso, eyayenziwe inyama futhi yakha phakathi kwabo futhi yabuyela kuNkulunkulu, yakhuluma naye. Futhi wazibuza, "Kungaba kanjani nguJehova lona na? Kungenzeka kanjani na? Futhi naNgu, eNsikeni yoMlilo efanayo, ilenga lapho." "Nkosi, ungubani Wena engikuhluphayo na?"

180 Yena wathi, "NginguJesu." O, he! Wamthuma, wamnikeza inkonzo yakhe. Wamthuma uPawulu, umnikeza inkonzo yakhe.

181 UPawulu wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu, wayebone iNsika yoMlilo. Wayebone ukuthi uJesu owake waba yiNsika yoMlilo, khona-ke wayenziwe inyama futhi wakha phakathi kwethu, futhi wabuyela eNsikeni yoMlilo, futhi wamthuma enkonzweni yakhe. Haleluya! Akukho lutho oluzomshukumisa. Kwakumfanele, ngenkathi bethatha amaduku emzimbeni wakhe futhi bawathumela kwabagulayo. Kwakumfanele, ngoba wayazi ukuthi wayengumphostoli ogcotshiwe. Wabona imibono kaNkulunkulu, noNkulunkulu wabonakala phambi kwakhe futhi wakhuluma, futhi wakubona kwenzeka nje ncamashi. Kungani, kwakumfanele uPawulu, ukuthi lapho ezama ukusiza abantu, agcwalise iZwi lokuthi wayethunyiwe. WayengukuKhanya kosuku. WayengukuKhanya kwabeZizwe. Wayekwazi lokho. UNkulunkulu wamthuma ukuba abe nguye. WayengukuKhanya ngalolosuku. Ngakho-ke, Wayethunywe kuPawulu.

182 Manje kusifanele, kusifanele ngalolusuku. Siyazi! Kade sedlula emiNyakeni yeBandla. Siyazi ukuthi semukele uMoya oNgcwele, siyakwazi lokho ngale kwethunzi lokungabaza. Siyazi ukuthi sinokuKhanya kweVangeli.

183 "Phendukani, nonke, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukeliswa isipho sikaMoya oNgcwele." Akukho befundisi-bagcotshwa ezweni, noma lutho olunye, olungakushaya indiva Lokho. Kufanele kwenziwe ibanga elingakanani lokhu na? "Isithembiso ngesabantwana benu, nakubo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

184 Umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa, leziziNkanyiso zeVangeli zibuyela emuva futhi." Njengelanga elifanayo eliphuma eMpumalanga futhi lishone eNtshonalanga, Liyakubuya futhi ezinsukwini zokugcina. Nakhu la sikhona ezinsukwini zokugcina!

185 Semukele uMoya oNgcwele. Siyakwazi lokho. Sikhulume ngezilimi njengoba benza ePentekoste. Futhi siyazi ungaKwemukela.

186 Siyazi ukuthi ingelosi yesikhombisa iwunikezile uMlayezo. SiyaKubona kuqinisekiswa, isibonakaliso.

187 Siyazi ukuthi sisekupheleni koNyaka waseLawodikeya. Siyazi ukuthi umbango wezwe, izibonakaliso nezimangaliso, ziyabonakala yonke indawo. Siyazi ukuthi sisesikhathini sokuphela.

188 UNkulunkulu efakaza! Futhi kufanele thina, kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke. "Izizwe zivukela izizwe, ukudideka ngesikhathi, usizi," zonke lezizinto esizizwile. Uma ningaKwemukela!

189 Manje sisehoreni lokugcina. SisoNyakeni weBandla laseLawodikeya. Sonke isithunywa sinikeze unyaka waso, sinikeze uMlayezo waso onyakeni waso. Futhi silapha ekupheleni konyaka, futhi siyabona ukuthi uNkulunkulu ukuqinisekisile ngezibonakaliso nezimangaliso. Futhi akekho ongathi akunjalo.

190 Ulapha manje! UseBandleni! Ukubantu. Akekho ongathi akunjalo. Siyazi ukuthi Ulapha.

191 Futhi kusifanele thina ukuthatha iZwi laKhe. Thina, kusifanele thina ukukholwa ukulunga konke. Kusifanele thina. Kusifanele ukuthi sigcwalise konke Akhulume ngakho.

192 Ibandla libuthakathaka, amabandla anamuhla. Sibhidlikele embangweni wenhlangano, ukwehlukana kobuzalwane; iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, i-Oneness, iThreeness, iFiveness, lonke uhlobo lwento. Sihlakazekile. Yileyondlela okufanele kube ngayo. Kufanele kube ngaleyondlela.

193 Khona-ke kuzofika uMlayezo! O, Haleluya! Siyazi ukuthi lokho iNsika yoMlilo efanayo eyahola u-Israyeli. Siyazi ukuthi inkonzo efanayo eyahambisana noJesu Kristu, ngaleyoNsika yoMlilo eyayiMgcobile, ihambisana neBandla namhlanje. Isayensi ikufakazisile; asikudingi lokho. UNkulunkulu ukufakazisile! Sidinga inkonzo kaJesu Kristu ukulinganisa nalelotshe eliyiNhloko eliza ngaleya, elingenise iBandla endaweni lapho inkonzo ifana ncamashi nalapho uJesu ayishiya khona. Ncamashi!

Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okuthiyayo;
"Buyani, O bahlakazekileyo, niye kwabakini."

194 Sisenzinsukwini zokugcina. Futhi kusifanele thina, kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke.

195 Khumbulani, uJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo emihleni kaLoti, kuyakuba-njalo eFikeni kweNdodana yomuntu." Bangaki okukhumbulayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Kwakuyini emihleni kaLoti na? Yisiphi isibonakaliso Asinikeza na?

196 Kwakukhona izigaba ezintathu zabantu emihleni kaLoti. Ngabe lokho kwakunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kwakukhona ongakholwayo, umzenzisi, nekholwa. Ngamunye wabo wamukela isithunywa. Kunjalo. Ngenkathi u-Abrahama wayehlezi ngaphansi kom-oki wakhe, kwenzekeni na? Bukani ukuthi kwenzekani.

197 Kwabakhona iNgelosi eyehla futhi yehlela eSodoma. LeNdoda yehlela lapho futhi yafundisa ukuphenduka kubo, ukuthi babefanele baphenduke futhi baphendukele kuNkulunkulu. Kwenzekeni na? Kwaphuma abathathu kuphela, uLoti namadodakazi akhe amabili. Umkakhe waphenduka insika kasawoti. Kwaphuma abathathu kuphela, ngenkathi kwakukhona uBilly Graham wesimodeni odubule umyalezo phansi lapho kubo.

198 Futhi siyakubona lokho kwenzeka namuhla. Siyabona, ebandleni ngegama-nje, sibona isithunywa siphuma, sishumayela.

199 Futhi kwakukhona Oyedwa Oweza ku-Abrahama neBandla elikhethiwe. Ubanikeza isibonakaliso. Futhi siyazi ukuthi lokho yiqiniso. Siyazi ukuthi yinto ekhona. Wahlala nomhlane waKhe wafulathela itende, watshela uSara ukuthi wayengubani, ukuthi yini eyayisenhliziyweni yakhe, ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Unikeza umyalezo, impela. U-Abrahama wazi ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu. Ngoba, masinyane emva kokuba Esesho njalo, waMbiza ngo, "Elohim," isiThunywa, esenziwe ngenyama yomuntu, ukuletha uMlayezo eSodoma neGomora.

200 Futhi lapho sibona lezozinto uJesu athi zizofezeka, kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke. Kusifanele ukuthi sithathe uNkulunkulu eZwini laKhe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla ithi, "Amen."—Umhl.] Ngakho-ke vumani kalokhu.

201 "Mfowethu Branham, u—u—uphumile emgudwini nakho konke, amahlelo."

202 Lokho kungaba njalo. Vuma kalokhu. Kunjalo, vuma kalokhu.

203 "Awu, uzobangcono kakhulu uma ubuzoqhubeka futhi ubambisane."

204 Vuma kalokhu, lokho. Kodwa kusifanele. Singabantu baKhe, abaprofethi baKhe, izazi zaKhe. Kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke. Ngakho-ke, asikwenze lokho, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
"Buyani, O bahlakazekileyo, niye kwabakini."

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze!

Abaprofethi bamanga baqamba amanga, iQiniso likaNkulunkulu bayaliphika,
Ukuthi uJesu uKristu unguNkulunkulu wethu, (Kuyiqiniso kanjani lokho; o, amakhulu!)
Kodwa sizohamba lapho abaphostoli benyathele khona.

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, nibe nezibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze!

205 Ngenkathi nisakhothamise amakhanda enu, kukufanele, kulokhukusa, ukuthi unikele impilo yakho kuKristu na? Ngabe Ukhulumile kini na? Uma kunjalo, vele uphakamisele isandla sakho kuYe, futhi uthi, "Manje ngiyamemukela uKristu. Kungifanele ukuthi nginikele konke okwami, intando yami, namhlanje ekuseni, kuYe. Manje ngiphakamisa isandla sami futhi ngithi, 'Nkosi Jesu, ngihawukele.' Ngidinga Wena, o, ngidinga Wena kanjani! Zikhathi zonke, ngidinga Wena." UNkulunkulu akubusise. "O, Msindisi oBusisiwe, ngiza kuWe."

Ngidinga Wena, o, ngidinga Wena;

Bekungathiwani ukube bewulele lapho umama wami elele khona manje na?

Zikhathi zonke ngidinga Wena!
O, ngibusise manje, Msindisi wami,
Ngiza Kuwe!

[UMfowethu Branham uyahamisha—Umhl.]

(O Nkosi, siyaKudinga;)
Zikhathi zonke ngidinga Wena!
O, ngibusise manje,

Nkosi, ngiyaKudinga manje ngaphezu kokuba ngike ngaba nakho esikhathini eside.

Kepha ngiza kuWe!

206 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha, *Ngidinga Wena Zikhathi Zonke—Umhl.*]

207 Baba waseZulwini, phansi ezigodini esihamba kuzo, sazi ukuthi Usithembisile, "ANgiyikuniyeka, aNgiyikunishiya. Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu, nokulunga kwaKhe, zonke ezinye izinto ziyonezelwa kini."

Ngakho ngiza Kuwe!

208 Uma engabakhona noma ubani lapha, Nkosi, ongalungile emphefumulweni wabo; uma bebehlela ezansi kulowo mkhondo lowo, umama akuwo ngqo ngalomzuzu, O Nkosi, kwangathi bangaba nalobobufakazi, nabo. Kusifanele namuhla, Nkosi.

209 Sisekupheleni kwendlela, uNyaka weBandla laseLawodikeya; uMlayezo; ukunqatshwa koMlayezo; ukuqinisekiswa koMlayezo; noBukhona bukaKristu bufakazisa ukuthi Unguye, izolo emihleni kaLoti, nasemihleni yenyama yaKhe, nasemihleni yanamuhla; izolo, namuhla, naphakade.

210 Mabakwemukele Wena manje njengoMsindisi wabo obusisiwe. Siphe khona, Nkosi. Ngikucela eGameni likaJesu.

O, ngibusise manje, Msindisi wami,
Ngiza kuWe!

Nkosi eyigugu kakhulu,
Izilingo ziphelelwa ngamandla,
Qiniso, Nkosi, lapho Wena ususondele.

Ngidinga Wena, o, ngidinga Wena!

211 Uma Wena usumthathile Nkosi, phumuza umphefumulo wakhe oyigugu eZulwini. Siphe khona. Siphe khona, Nkosi.

Msindisi wami, ngiza kuWe!

212 Baba Nkulunkulu, sizwe. Kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke lapha. Siyazi ukuthi iZwi lithini. Asikho ebumnyameni. Siyazi ukuthi iZwi lethembisile ini. Sisize, O Nkosi, ukuthi sigcwalise ukulunga konke. Gcwalisa iZwi laKho. Kwangathi ikholwa ngalinye lapha lingaba nokukholwa manje, njengoba siza kwabagulayo. Sonke siyathanda ukuphila, Nkosi; kodwa into yokuqala ukuthola ukuPhila okuPhakade, kwalelozwe elizayo. Sizwe thina, Baba, ngenkathi ibandla lisakhuleka, ikakhulukazi abagulayo nanoma yimuphi ohluphekile.

213 Ngiyazibuza, noma ubani, uma kukhona noma yisiphi izihambi kanye nathi, abangakaze babe setabernakele

phambilini, futhi uyagula, futhi ufuna uNkulunkulu ngosizo na? Namakhanda enu ekhotheme, nonke. Ungasiphakamisa isandla sakho, nina bantu eniyizihambi kimi, abangangazi noma anginazi nina, futhi niza kuKristu manje ngenxa yosizo. Phakamisa nje isandla sakho. Niyabo? UNkulunkulu akubusise, wena, nawe. Kunabambalwa.

214 Ufanele ukholwe kuphela. LoMyalezo awukho ezeni, yiZwi likaNkulunkulu.

215 Ngibona inenekazi . . . Namakhanda enu ekhotheme. Lilokhu libambe isandla salo. Lihlushwa yinkathazo yenhliziyo. LinguNkk. Nance. Livela eMadisonville, eKentucky. Kunjalo. Akunjalo, nenekazi na? Ungaliphakamisa ikhanda lakho uma ufuna. Ubuphakamise isandla sakho, futhi walokhu usiphakamisile. Lelo yiqiniso, bekungenjalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Niyabona ukuthi niphila kuphi bangani na? [Ibandla lithi, "Yebo."—Umhl.] Angilazi lelonenekazi. Angikaze ngilibone. Kodwa kuyini na? Uphawu lweVangeli. Ukuthi ungahle . . .

216 Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, nenekazi na? Uyakholwa na? Noma kunjalo, siyizihambi. Angikwazi. Lelo gama beliqinisile, belingenjalo na? Uma bekulungile, noma yini Akutshele yona, nje—nje vayizelisa izandla zakho ezethameli, ukuze zizobona ukuthi lokho bekuqinisile. [Ibandla liyajabula—Umhl.]

217 Yini ebingenza lokho na? UJesu waseNazaretha. Ukuze nizokwazi ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, futhi nginitshela iQiniso, ngoba kusifanele thina. Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, futhi Waphenduka wamtshela, "ngomopho" wakhe, futhi washo ukuthi wawusunqamukile.

218 Inenekazi elihlezi eduze kwakho, nalo linenkathazo yenhliziyo, nalo. Kunjalo. Ya. Angilazi. Uyazi angazi, mama. Kodwa uNkulunkulu uyalazi. Uyayazi inkathazo yalo, Akayazi na? Nkk. Allen, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa na? [Owesifazane uthi, "Yebo."—Umhl.] Uma lelo kuyigama lakho nenkathazo yakho, phakamisa isandla sakho. Phakamisa isandla sakho, uma kunjalo. [Ibandla liyajabula.]

219 Inenekazi elihlezi eceleni kwakho lapho. Ngiqonde uNkk. Bennett. Nonke ningabasendaweni efanayo. Unenkathazo yenso esikhundleni senkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaphiliswa, nawe. Uyakholwa, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho, bese uthi, "Ngizokwamukela," khona-ke usungaya ekhaya futhi uphile. Uma ungakholwa! Nonke nisezansi eKentucky, idolobha elibizwa ngokuthi iMadisonville.

220 Ohlezi emuva ngqo lapho, inenekazi, uNkk. Bone. Useduze kwaseMadisonville. Akahlali ngqo eMadisonville, uyangibuka ngqo. Futhi nanso leyoNgelosi imi ngqo phezu kwakhe. Uhlala nje eduze kwaseMadisonville. Igama lakhe uBone;

inkathazo yokuncinana kwamankanka, isimo sesifuba somoya, ukukhwehlela. Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili, nenekazi. Kholwa yiNkosi uJesu Kristu, bese uya ekhaya futhi uphile.

221 Inkathazo yomphimbo, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaphilisa inkathazo yomphimbo futhi akusindise na? Phulukiswa! Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu.

222 Nks. Hopkins, inenekazi eliyikhaladi elivela eChicago. Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Kodwa ufuna ukuphulukiswa kulokho kwethuka, inkathazo yokuncinana kwamankanka na? Hamba, ukholwe, futhi ungasinda, nawe.

223 Nkk. Hanes waseColumbus, e-Ohio. Uyakholwa yiNkosi uJesu Kristu, ungaya ekhaya futhi usinde, nawe.

224 Sisekupheleni kwendlela. Uyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke. Wethembisa lezozinto ukuthi ziyoba khona. Silapha. Uyakukholwa na? ["Amen!"]

225 Awu, bekani izandla omunye komunye. Ngifuna ukunibuza umbuzo. Ngabe uJesu wethembisa ukuthi lezizinto zizoba sezinsukwini zokugcina na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Njengoba kwakunjalo emihleni kaLoti. Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza, futhi." Ngabe Wakusho lokhu futhi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda"? ["Amen."] Ngabe ukulungele ukuthatha ukuma kwakho, kholwa na? ["Amen."] Ngokuba kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke.

226 Ngukulunga kukaNkulunkulu, ukuthi uma lamaduku lapha (engibeka izandla zami kuwo, eGameni likaJesu) enithinta; ngiyazi uMoya oNgcwele ulapha, Lowo ofanayo owayenoPawulu. "Bathatha kuPawulu . . ." Ngakho-ke uzophulukiswa, uma nje uzokukholwa.

227 Ngiyakholwa uMoya oNgcwele ofanayo, ngoMoya oNgcwele, ulapha kulokhu ukusa, ezifakazela qobo lwaKhe, uMlayezo wosuku lokugcina; uMoya oNgcwele omkhulu qobo lwaWo, uzifanekisa qobo lwaWo, ungena enyameni yomuntu, wenza imisebenzi yaKhe.

228 Ngimi namhlanje ekuseni, ngaphansi kobunzima. Niyazi nje ukuthi yini engilungiselela ukuyizwa uma ngisuka lapha. Kodwa kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke.

229 UNkulunkulu ubeke uMlayezo enhliziyweni yami. Manje kukufanele, njengekholwa, ukuthi ukholwe. Ngenkathi nisenazo, izandla zenu omunye komunye, angeke kubekhona umuntu ogulayo phakathi kwethu, uma nizokholwa nje lokho ngenhliziyo yenu yonke, lungelani ukuthatha ukuma kwenu.

230 Manje, Baba waseZulwini, siletha kuWe lezizethameli, emva kwaloMlayezo. Nkosi Nkulunkulu, ngokwangempela abantu bangabona manje ukuthi kusifanele. Kumfanele umprofethi, ukuma eZwini. Kulifanele ilunga lebandla, kubafanele ukuthi bame. Kubafanele abantu abagulayo, ukukholwa iZwi likaJesu Kristu, lapho Ethe, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo bayakusinda."

231 Bengizobiza lowomugqa womkhuleko, Nkosi. Kodwa umlayezo nje osanda kufika kimi, ngocingo, ungishukumisile, Baba. O Nkulunkulu, iZwi laKho lithi, "Kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke." Nampa, ngamunye.

232 UMoya oNgcwele ulapha ufakazisa ukuthi Yena uphakathi kwethu. Manje makuthi aMandla kaNkulunkulu, makuthi ufakazi kaMoya oNgcwele, angene ezinhliziyweni zalababantu njengamanje, abanikeze isiqiniseko; njengoba uDaniyeli abanaso, njengoba uNowa abanaso, njengoba u-Enoke abanaso, njengoba uJohane abanaso, njengoba uPetru abanaso, njengoba uPawulu abanaso, njengoba uJesu abanaso, njengoba u-Abrahama abanaso, njengoba bonke babanaso, Nkosi. Ukuthi, kusifanele kulonyaka, lapho amandla kaNkulunkulu ethululiwe, izibonakaliso nezimangaliso sezenziwe, ukuphaphama okukhulu sekube phakathi kwabantu, uMoya oNgcwele wehlele phakathi kwabantu. Bamemezile, bakhuluma ngezilimi, baprofetha, iziphiwo ezinkulu, nezibonakaliso nezimangaliso. INgelosi yoMlayezo, iNgelosi yonyaka ibonakele kithi esimweni sikaMoya oNgcwele, futhi Isilethela uMlayezo. SiyaKubona kugcwaliseka. SiyaYibona ithatha imizimba yethu futhi isiguqula sisuka kubantu abafayo, sibe ngabaphatheli bakaNkulunkulu, ukukhuluma ngaphambili izibonakaliso ezingaqondakali ezinkulu nezimangaliso. Uma sibona lezizinto, khona-ke kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke.

233 Lapho sazi ukuthi u-Abrahama wabuka emuva kuLoti, ukuthi lapho uDaniyeli wayengabuka ku-Abrahama, ukuthi lapho uJohane wayengabuka kuDaniyeli, (O Nkulunkulu!) ukuthi lapho uPetru noJohane babengabuka kuJesu. Futhi lapho singabuka kubo, futhi namhlanje sibona imiphumela efanayo phakathi kwethu, khona-ke kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke.

234 Makuthi aMandla kaJesu Kristu adudule lesisakhiwo, ngokukholwa kobuNkulunkulu, futhi aphilise wonke umuntu phakathi lapha, wakho konke ukuhlupheka nasosonke isifo, Nkosi. Futhi, njengenceku yaKho, ngiyamyala lodeveli ophushelwe kimi kulokhukusa konke, ozamile ukungikhipha kulelipulpiti! Ngomusa kaNkulunkulu, ngihlalile lapha, ngenxa yalaba abampofu, abagulayo noma—noma abafayo ohluphekile kaNkulunkulu.

235 Phuma kubo, Sathane, wena develi! Ngiyakuyala, ngoJesu Kristu uNkulunkulu ophilayo, ukuthi wena suka kulababantu, futhi ungaphindi ubakhathaze, ngokuba bamile njengabantwana bamaHeberu ngehora lokulingwa, ukuthatha ukuma kwabo, futhi baphulukiswe kusukela kulelihora kuqhubeke. NgeGama likaJesu Kristu, ngiyala ukugula nodeveli balelibandla, ofikile ukuzogulisa lababantu, ukuba asuke kubo!

236 Namakhanda ethu ekhotheme, izinhliziyo zethu kuNkulunkulu, ngizocula iculo. Ngizolizama, ngosizo lwenu nangosizo lukaNkulunkulu. *Ukholo Lwami Lubheka Phezulu Kuwe*. Angifuni ningabaze, nakancane, kodwa ngifuna nikholwe manje. Kusifanele. Mangaki amaKristu aphakathi lapha na? Phakamisa izandla zenu, bese nithi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Mangaki amakholwa na? Thanini, "Amen." ["Amen!"] Bangaki ababeke izandla zenu kwabanye na? Thanini, "Amen." ["Amen!"] Khona-ke kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke.

> Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,
> Msindisi waphezulu;
> Manje ngizwe ngisakhuleka,
> Susa lonke icala lami. . .(Manje, *isono* uku "ngakholwa")
> O makuthi mina kusukela namuhla
> Ngibe ngowaKho wonke!
>
> Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
> Nosizi lwanda macala onke kimi, (Nkulunkulu, yiba nguMholi wami manje!)
> Wena yiba nguMholi wami;
> Yala ubumnyama busuke namuhla,
> Sula izinyembezi zokudabuka,
> Ungangivumeli nanini ngiduke ngisuke kuWe.

237 Namakhanda ethu ekhotheme. Lowomama omdala othandekayo wami usedlulile selokhu kade ngishumayela, kwangathi iphimbo lami lingenanela phansi emigedeni yaseZulwini.

238 Ngenkathi engitshela, ngelinye ilanga, wathi, "Billy, ungondlile. Ukhokhe irenti yami nesikweletu sami sikagesi, wanginikeza ukudla." Wathi, "S'thandwa, ngenkathi usengumfanyana, ngaphumela phandle esimweni sezulu futhi nganquma izinkuni, ngakubasela umlilo ukukugcina ufudumele. Futhi ngakuphekela, esasinakho endlini, ukuba kuphekwe." Ukumbona elele lapho, nalezo zandla ezindala ezibuthakathaka ezaziwasha izingubo zethu ezingcolile. Umile ungenalusizo, akukho engingakwenza.

239 Ngathi, "Mama, ezandleni zikaNkulunkulu ophilayo, nginikela umphefumulo wakho olungileyo."

240 Uma esehambile kusukela ngaleyonkathi; bonke bahambile, abafowethu yibo bonke osehambile. Umlayezo lapha epulpiti ubumubi ngempela. Uma kungukuthi usehambile, Nkulunkulu phumuza umphefumulo wakhe. Uma esenathi, futhi enathi kuze kube kulobubusuku, ngomusa kaNkulunkulu ngizoba lapha epulpiti ukugcwalisa umsebenzi wami, ngokuba kungifanele ukuthi ngigcwalise ukulunga konke.

241 Njengoba ngithola, ngizobuyisela inkonzo kuMfowethu Neville, umelusi wami engibambisene naye obusisiwe.

